# senzokhaya umhayi(1991/07/30)

I am young poet from Mtubatuba, I am inspired several poets like Bongani Mavuso, Mzwakhe Mbuli, Sbo Da Poet etc, I started writing poems in 2009 but I took it more seriously in 2012, I am still looking forwad to publishing more of my poems country wide, I write Zulu and English poems...

uSenzokhaya Umhayi igama nje elisentshenziswa ezinkondlweni kuphela. Igama ngokwe ncwadi kamazisi uSenzokhaya Sipho Mhlongo, Uzalelwe wakhulela eMtubatuba wafunda eMasibonisane. Ungumbali ozimele kulo mkhakha. Okwamanje usashicilela incwadi yakhe yokuqala yesihloko esithi: Ukwentshisa kwebhobhodleyana. Lomlisa uzalwa nge 30 zika Ntulikazi ngo 1991. ibhungu nje elisakhula futhi elisafunda ngezinto eziningi zempilo. Izinkondlo zalo zikhuluma ngezinto abantu abasha abahlangabezana nazo lapho besakhula empilweni.
imininingwane yakhe imi kanjena;
email address: i@
amadownloads ezinkondlo: , za/senzokhaya
noma ulendele @senzokhaya ku twitter

# Abadala Ngiyabalandela

Abadala ngiyabalandela,
Empilwen yami bahlahl' izindlela,
Bangikhanyisela amakhandlela,
Ezindleleni zami bayangihlenga,
Baphethe okhiye bam' amasango bayangivulela,
Uma ngiphethe bona bayahlehla oMavimbela,
Ngenhlonipho yabo uma ngihamba ngiyabingelela,
Ngishaya iSalute noma ikuphi uma ngivela,
Ngiya nqonqoz' amasango bayangivulela,

Ngempepho iyona incwadi yami,
Ngiyiloba ngisemsamo ishunqele khanda lami,
Ngicel abadal bengiqhelisel' izitha zami,
Ngicel izinhlahl' aphumelel' amaphupho ami,
Ngihogelis' nalabo abathandiweyo bami,
Bengigcobe ngempumelel' empilweni yami,

Amabhadi aqhele kimi, ashabalale njengamazolo,
Izindlela zami zikhanye njengonyezi ngoncibijane,
Izitha zami zibaleke ngamajubane,
iksasa lami liqhakaze likhanye,

Ngivune izivuno zempilo,
Ngivunule namajaz emfundo
Ngivuye ngihlabele abadala.

Ngibonge uthando abangiphe lona,
Nenhlonipho abang'fundise yona,
Ngibathobe amanxeba abadlule kuwona,
Bekhulisa lentandane eguqe bhampi kwabo,
Ngibonga impumelelo abangiphe yona,
Noma bengasekho,
ABADALA NGIYABALANDELA..

senzokhaya umhayi

# Ake Ngivuke

Ake ngivuke ngihlome ngihlasele,
Ngikhahlel' ingubo ngitshakadule,
Ngiphume ngiye hlane ngiyovundulula,
Ngipheke ngithulule osekuvuthiwe,
Ngichithe esekuvundil' okwayizolo,
Angibhule amazolo ngiy' ebandla,
Ngigez' izandla ngicele kuso Mandla,
Ngemukele ngentokozo ngifake nomdlandla,

Ake ngivuke ngihlome ngihlasele,
Sebeme ngomumo o Van der merwe,
Bahlomile bahlomile bukhal' njengameva,
Ake ngithath' umkhonto wesizwe esisha ngihlasele,
Amapheph' amhloph' avivel' usiba,
Iminjunju nemivimbo yayizolo ngizoyiziba,
Ake ngivuke ngihlome ngihlasele,

Obamathongo ubuthongo bunguna phakade,
Okwamaphupho okwenhlamvu yelang' edlula kanye ngosuku,
Ngingefane nembila eyaswel' umsila,
Angizinikele ngiziphul' amathambo,
Ngikhase ngizinikel' ngiyogubh' impande,
Nom' kungeyesono keph' iyalugez' usizi.
Ixosh' nekat' eziko,

Ake ngivuke ngihlome ngihlasele.

By senzokhaya umhayi

senzokhaya umhayi

# Angibanga Indoda Yalutho

Angibanga indoda yalutho

Bengith uma ngizibheka ngithi ngiyindoda
Bengith uma ngibona amadoda aziqhenyayo nami ngiziqhenye ngith ngifana nawo
Ngangith nami nginothando njenge ndoda
Ngangingazi ukuthi amagama omlomo wami azongilandela
Engakusho ngomlomo kuyangiphikisa
Engakufunga phambi kwebandla akusenzeki
Izenzo ziyaphika zithi angindoda yalutho

Ngangithe ngizokuthanda muntu wesimame
Ngakuthatha ezweni lakini ngakuwelisa izintaba nemifula nemigelezo
Nawe wavuma ngoba wawuluzwa uthando lwami lugeleza esifubeni sakho
Wangivulela sonke isifuba sakho
Waze wadela umndeni, abangani nezihlobo zakho
Walamela esifubeni sami ngaba ithemba lapha kuwe
Wangithemba ngayo yonke inhliziyo esifubeni sakho
Namhlanje ngikuvulela isifuba ngiya vuma
Angibanga indoda yoqobo

Ngithi nqo nqo nqo ngivulele ngingene
Ungayikhumuli leyo ndandatho
Noma nginhlanhlatha sithandwa sami ngiphe indlebe
Ngiyazi inhliziyo yakho isemnyama okwamanje
Impela ngiyavuma ngizihambile izindlela ezimnyama
Ngiyazi ngiwuxukuzile umoya wakho
Iqiniso yebo ngiye ngakuncisha lona
Ngiyavuma ngizehlisile izinyembezi emehlweni akho
Imihla ngemihla ubukhala ngami ulila imini nobusuku
Kepha namhlanje ngimile lapha eJolidane
Ngiphethe nali ijokwe lami
Ngiwelise ungiphe uxolo

Ukona kwami konke ngiyakuvuma
Ngiza kuwe ngiphethe nali iqoma eliphuphuma amanzi acwebile
Asigeze izinsila zothando lwenzondo sikudlulise okudala
Ngikweshele kabusha nawe ungiqome kabusha
Sithathe uthando oludala silutadishe kabusha

Amaphutha esiwenzile siwalungise afane nesifundo
Ngamaphutha ngifundile mtano muntu,
Ngiyavuma angibanga indoda yoqobo,

Lendima isavundile isenomnotho,
Asithathe amageja sibuyele ensimini sitshale kabusha,
Sipheke okusha sikuthulule osekuvuthiwe,
Cha ngiyavuma ntokazi,

Angibanga indoda yalutho.

By S??z?k????  U????i, © 2013, All rights reserved.

senzokhaya umhayi

# Anginalutho Esandleni

Intokozo ngeyethu,
Umoya wami uyathokoza lapho unukelana nephunga lakho,
Inhliziyo yami iyakitazeka uma ikhahlelana neyakho,
Amehlo ami ayayibona inhlansi uma ebhekene nawakho,
Amaphupho ngiyawadlinza ephumelela sibabili uma ungowesibili 'nhla kwami,
Angiyiboni impumelelo uma wena uphesheya komfula,
Noma ngingenalutho esandleni uma esami sibambe esakho isandla,
Esakho isandla sifane nezulu nomhlaba kwesami,

Mpilonhle mpilonde lapha kithi,
Khethokuhle ngikhetha khethe engimthandayo,
Injabulo yami ayiphile enhliziyweni yakho,
Ubambo lakho angingalephuli,
Angingabi imbangela yokuhluthuka komoya wakho,
Angikunike lonke ngezandla ezimhlophe,
Zimhlophe nje azinanto,

Eyami indima ayikho nzima kepha ijulile,
Olwami uthando alunabucwebe kepha lunzulu,
Amaphupho ami ngawe awanawo umkhawulo,
Okulapha ngaphakathi kwami okwemizwa,
Kepha okuzwa ngomlomo wami amagama nje ahlanganisiwe,
Engiwasho ngenhloso yokukugcobisa amafutha achichima ngaphakathi esifubeni sami,
Okomlomo okuphinyiseliwe nje,
Izenzo zizokwelandela,

Ngaphandle kokuzilengisa ngemigomo nemibandela,
Ngaphambi kokuba ngikwethembise okungaphezu kwamahlombe ami,
Engikusho ngomlomo uzokukholwa ngezenzo,
Alikho izulu nomhlaba ndawonye kwelakithi izwe,
Kwamina angikaze ngiyigibele indiz' mshini,
Nezindodla zegolide nesiliva zange ngazitapa ngezami,
Izandla zami zikhangezile njengegula,
Wena thela uthando njengamanzi,
Ze ngithintithe ukoma,
Entendeni yesandla sami kulele ikati,

Emhlabeni angicebile ngidla ibhuya ngothi,

Ubukhazikhazi ngincishiwe khona,
Nami ngiyathanda ukuzicupha ngokotini kanokusho,
Nami ngelinye ilanga ngiyafisa ukukuthengela umgexo wedayimane,
Ontanga bami bangimpintshile ngesidwedwe,
Kepha uze ungadidwa ubukhazikhazi nobucwebe basemhlabeni,

'Okomhlaba kuyosala emhlabeni, kepha ngizokunika okuse nhliziyweni, ngoba khona kunguna phakade'.

Anginalutho esandleni.

senzokhaya umhayi

# Bathi Angibuyele Kwazulu

Ngisemhlabeni ezwen' lama Zulu, ,
Ngiseyibhungu ngibhaklazw' isizungu,
Ngiye ngilibalekele elakithi ela kwaZulu,
Ngizijubil' ngashiy' ikhaya ngaya kowama bhunu,
Ngabashiya bekhala abakithi ngesi zungu,
Ngathath' uhambo ngabashiy' esinquthu,
Noma bekhala ngiyabezwa bandla,
Bath' angibuye kwa Zulu sizoyithungel' ebandla,

Sengiwele imifula nemigelezo ngagudla ulwandle,
Sengikude kwelathumb' obaba nokhokho,
Noma amathumb' ami ngawashiy' khon' emsamo kwagogo,
Ngizobuya naw' ugway' kagogo,
Ngisahloz' izihlahl' azikatheli
Nezulu lisomisile ngidlal' isomiso,
Ngisathol' amafec' okubamb' umoya,
Ngizobamb' umoya ngibadonse ku makhalekhukhwini,
Yebo ngizwile bayakhala ekhaya,
Bath' angibuye kwa Zulu,

Namanje ngisazulazula,
Ngisajomb' oJulius Nyerere street,
Ngiye ngehlele ko Anton Lembede street,
Ngisindwa imfumba yemiqingo wamapheph' emfundo yami,
Ngihamba ngiwabhosha njengenyoni ya macimbi,
Ngiphephethw' umoy' ngifund' amaphephandaba,
ELangeni ngimile ngifund' ilanga,
Kuze kubab' amehl' ngibhek' Isolezwe,
Luth' ehlweni kusal' ubhici,
Imiland' yemigcwab' igcwel' amakhasi,

Iminjunju phezu kwemicabango,
Ngiqamel' ezandlen' phezu komqamelo,
Izinyembezi nomjuluk' okugez' izandla zami,
Babeshil' injong' ithungel' ebandla,
Umsam' omnyam' ongenay' inhlanhla,
Amanz' amnyam' agelez' obondeni,
NakwaZulu ngiyabezw' abomndeni,

# Dear Voicemail

Dear Voicemail by Senzokhaya umhayi

Sthandwa sami sase mnqamlazweni,
Emazweni lapho ezintabeni,
Ngya themb' usaphila nje themba lami,

Hamba mnyak' angsakwazi manakazi,
Sesizihlobo ezadukelene awusabhali ntokazi,
Nehlobo selifike ladlula kwaze kwangena namakhaza,
Lutho nhlob' eswen' awubonwa ntokazi,
Awusadlali ngisho nje nangomqhafazo,
Sewangilahla yini ntokazi,

Izinkinobho zakho nazo akusezona lezi,
Sekuphel' imizuzu namahora ngik'donsa ku thelefoni,
Keph' angik'thol' ngithol' ungamla,
Ngelamlele nom' unginike nje ikheli,
Ngizobamb' inqol' ek'seni nginikele laph' okhona,
Umuthola lomyalezo ngicel' ungshayele,
Nom' ufik' mathuph' ezimpohlweni, Ngisahlala khon' emkhukhwini,
Hho Hhe noma sengadlala zona izikhukhula,
Ngyathemb uzongithola ngisaphila

Uze ungizwele phela bambolwami,
Ubuye uzongethule lomthwalo,
Mthunzi wami wokuphumula,
Ngicel' ubuye sizophumula sishaywe umoya wasogwin' lolwandle,
Nomhlaba ngibona ngathi usuyazamaza,
Maye ngizocashaphi na thembalami,
Nalolo bambo lami ngiyethemb' usaligcinis' okwezikhali zamantungwa,
Aw sengahlalel' ukukhal' ezimathonsi,
Kazi ngizoqamela kuban' bambo lami,
Aw kodwa wahamb'  ijuba likaNowa awungikhumbule yini nah,

Ne Lawu lami seliyadilika uyawa nomthangala,
Sengiphenduk' indangala inhlikisa komakhelwane,
Kepha ngisasiphanyekil'  isithombe sakho obondeni,
Ngisasibhek' kuvuk' lesa sinqawunqa sothando lwethu,
Noma bengihleka beveza elomhlath'

Ngizobashaya indiva ngoba ngithembele kuwe wena thembalami,
Ukuba uzobuya nalo uthando lwami,

Njalo uma ilanga selikhasela ezintabeni,
Ngiyaye nginyukele laphe egqumeni,
Ngilunguze njengebanda laphaya ezansi kwentaba esitobhini,
Ngibale izinqoba zidlula zishwibeka,
Noma ngiwabona amatheba ami eshabalala,
Kodwa kunelilodwa elingimisa isibindi,
Uzobuya wena themba lami,

Sengithembel' kuyo ivoicemail,
Ukuba izofika lapho emazweni,
Ezintaben lapho okhona
Hho hhe nokungapheli kuyahlola,
Nangu nomlung' esengiphul' ulimi,
Sekuyoba intokoz' ukuzwa kuwe,
Yimin' obeshayil' isithandwa sakho esikulinde emlanjeni.

By S??z?k???? U????i, © 2013, All rights reserved.

senzokhaya umhayi

# Ehlane

Ehlane.

Mhlaba thembeli lokuphila emhlabeni,
Isibhakabhaka sesicimezisa amehlo,
Amathunzi aseqala ukunana indawo,
Ukukhanya sekudedela ubumnyama ukuba kudlale indima,
Izimvula seziqala ziqathaka ngamathonsi abanzi,
Intandane nentandane isikhumbula ehlane layo,
Lapho ilahla khona zonke izinsizi zayo,
Lapho igoba khona amadlangala,
Yembathe umjivo wayo wenkonzo osewaba madabudabu,
Indwangu eyayimhlophe qwa seyaba madakadaka,

Ukuhlwa sekufikile kwathi imigodi ngemigodi,
Sengisele ngingedwa abangani bami abasekho sebesemakhaya,
Zibuye izinsizi zokuthi anginabani,
Zivuke izinhlupheko zokuthi anginalo ikhaya,
Ngiqale ngikhumbule abazali ngibe ngingabazi ukuthi bakuphi,
Ngikhumbule izihlobo zami ngingazazi ukuba ngizozicoshaphi,
Ngifise ukuba ocebile nami njengabo bonke,
Kwehle izinyembezi lapho ngibala amasheleni ebengikade ngiwacela emini,
Engahlangani ngisho ingogo,
Ayeneli imvuthuluka yesinkwa ze ngikhohlise inyoka,

Ngilele ehlane ngomhlane ngibheke isibhakabhaka,
Ngibala izinkanyezi,
Kuyasho ukuthi ithumbu aliyithola into yokubamba umoya,
Umzimba wami usuphenduke ixhiliba eselavithizwa izimvula,
Lo mzimba wembatha amanikiniki,
Sengiphilela umphefumulo osahlangene nenyama,
Akukho okuseduze kwami ngaphandle kokuzifisela iliba,
Kulezo zinyembezi ngithumele umthandazo ngiwumbathise ngesililo,
Zehle zome zize zingithumele kwelamathongo,

Lapho ilanga livela ngesiphongo ezintabeni,
Isibhakabhaka sesiqoqa izinkanyezi,
Ukukhanya sekushaya ibuya emhlabeni,
Uma ngivula amehlo ngizwe ngisaphefumula,
Izimvula zedlulile kepha azidlulanga nami,

Ezandleni zami ngisenalo ithuba lokushitsha isimo,
Ngibonge ngicele kuMdali ukuba enikeze amandla lomzimba oweswele.
Ukuba engcine nomphefumulo kulo mzimba ohlala ehlane.
Ngiguqe ngamadolo ngibonge ukuthi ngisaphila ehlane.

By senzokhaya, © 2013, All rights reserved.

senzokhaya umhayi

# Engimthadayo

Ewu kodwa bakithi ngathi sengikhohliwe lapha
uthi ngisathandwa nje kodwa,
uthi kuseyimi umanqoba kulenhliziyo,
ngaze ngafa inkumbulo,
ngibulawa imidlinzo nokwesaba ukulahlekelwa ithemba lami engithembele kulo,
Mdali ongidalele lona uze ungisize lungangephukeli ubambo lwami engibambelele kulona,
ngingaba isiphi isithiththi uma usungilahla,
Nkosi ngingabonwa ubani sengishaya isithingithingi lingasekho ithemba lami,
amaphupho ami wona angafezeka kanjani ngaphandle kwenkanyezi
engikhanyisela ezindleleni zemizwa yami,

Mhlabeleli wemizwilili evusa inhliziyo yami,
Makhi wamaphupho amnandi ebuthongweni bami'
Nalapho ulele nawe ngiyafisa ukuba uphuphe ngami,
Langa lakho lingapheli uma mina ngingakaveli phambi kwakho,
Uze ungibone nami ngikwefuthele icilongo ngenkondlo yami,

Ngikunikeza imvumo yami,
Vunula ngemvunulo yobuntombi ushaye ishindindi,
Umeme izintombi zangakini niye komisa iduku kithi,
Ushuqule iduku ekhanda ufike ugoye uma kuvumile,
Nduku enhle yasezizweni,
Shaya kakhulu ngonyawo lwakho ufike ubatshele abakithi,
Ukuba sengikuthathile,
Nabakini ngiyonqamula izindlelangifike ngibalume indlebebe,
Ngokuthi sengikukhethile

Kuwe nginothile,
Uthunge umthungo obunkenketha enhliziyweni yami,
Wafana nothunga lwenkosazana emuva kukaDomoyi,
Kuwe ngiwutholile umthunzi wokukhosela
Wangiphuzisa amanzi ngadela inguna phakade,
Ngiyoba nawe ekukhaleni nasenjabulweni yakho,
Kepha imidlinzo yenhliziyo iyangiqhaqhazelisa,
Kepha nginethemba lokuba awungilahlile.

uSenzokhaya Umhay

# Ezandleni Zengelosi

Ezandleni zengelosi

Endleleni sihambile saphila sonke,
Kumnandi sihleli sijabulela ezinohlonze zakwa mhlaba,
Siqaphene ngeso lokhozi sihlezi sibhek' ingozi,
Sibambene ngezandla njalo sihlezi simunye,
Njengokuhleleka kwezinkanyezi esibhakabhakeni,
Omunye ethand' omuny' sivela kanye kanye,
Njengamaphiko engelosi,
Sakhelene njengezinyosi endlini yazo,
Sidl' ingevu ndawonye,
Siboph' inqeph' ewumfaniswano,
Besibona abangasaz' besifanise namawele,
Nanamhlanje ngisamangele,
Uye wayophumula emathunzin' eliba,
Walibala ilobungani obungaka,
Hamba mngani uyophumul' ezandleni zengelosi,

Ukude manje usemfihlakalweni,
Undizile usezweni lapho kusuka khon' imimoya,
Usekugcineni komhlaba ekuphehlweni kwamanzi,
Ezinkanyezini esibhakabhakeni emkhathini,
Ezintabeni lapho kuphumula khon' unyezi nelanga,
Usemnqamlezweni ezweni lokuphumula,
Usendlini yothando noxolo uhlukene nezono,
Emhlabeni ongenamagqubu nanzondo
Uzohlalakahl' ezandleni ezimnene,
Unakekelwe ngesineke sangunaphakade,
Ngokuthula nangoxolo,
Usezandleni zengelosi,

Besinjengamachwane esikhukhukazi ngaphandle kwehhoko,
Ukufa kwafika njengo cilo kwaye kwakucaphuna phambi kwami,
Maye mina ngasala ngitshiyoza ngomngani wami,
Ngasala ngibamb' amaqubu ahlubuke ngenkath' uzam' ukuphunyuka,
Ngakhala inhliziyo yasal' ibamba amagqubu,
Ngasala ngephukil' emoyeni,
Ngibon' umphefulo ongenacal' uphum' enyameni,
Ngabon' umsamo omnyam' uvuleka,

Umngani wami wajubalala nenjabulo yami,
Kufa wangihlwith' iwele lam' lempilo,
Lelizwe ngizolinqamula nobani,
Umhlaba omngaka ogcwel' izitha zethu,
Zonke sezizogiya ngami,
Ngomngan' wam' osewelile,
Wayowela ezandleni zengelosi,

Siza ngelosi yokulunga ungibhekele yena bandla,
Ungigcinele yena ephephile,
Umfihle ngaphansi kwamaphiko akho njengomntwana kuwe,
Uze umphumuze ngaphansi komthunzi ongapheli,
Umphuzise namanz' amtoti edel' ingunaphakade,
Ukhathele izinhlupheko zomhlaba,
Uphumule izihlonono namahlokohlok' asezweni,
Umbeke kwesobumnene sakho,
Bengisathand' ukuba nay' ebumnandini,
Kepha nalapho kuwe akalahlekile,
Sehlukene umzuzwana nje,
Ngiyethemb' uzohlala enethezek' ezandleni zengelosi.

USenzokhaya Umhay

senzokhaya umhayi

# Hamba Langa Shona Nothando Lami

Nhiziyo yami usuyokophela ngaphakathi,
Konke kwakubekiw' ukuba kuyophela,
Namanxeba ngiyethemb' azophola,
Nezinyembezi zizogelez' okomay' okungegazi,
Ukungaz' impela kufana nokungaboni,
Konk' sengikubopha ngembelek' emhlane welanga,
Hamba malanga shona nothando lwami,

Ngimuhle ngithamel' isicewu,
Ngicel' isicephu kugogo ngithamel' ilanga,
Ngithumel' amehl' ezintabeni ezigudl' uKhahlamba,
Ngihlamb' izandl' nginikin' ikhanda,
Lufifi ngibhek' amaland' echobana,
Nemisebe yelanga laph' iqhundeka,
Lisho liyoshona likhasel' ezintabeni,
Okomhlaba sekuyosal' emhlabeni,
Bekuwuthand' umyalelo ka Adam no Eva,
Ngikwendlalel' isidikiselo isihogo sokushis' uthando,
Hamba langa shona nothando lami,

Ontanga bami ngibashay' indiva,
Lapho begegetheka bedl' insini,
Ngiqhath' usiz' ngidl' imihlathi,
Ngiye ngizisole ngibheke emuva,
Ngangithi ngithole imvu,
Engenamelusi ngith' ingelosi,
Yan' imvula yawavula amaphiko,
Waqala wavungam' umoya wosizi,
Aqal' avulek' amehlo ngayibon' imibala yamaphiko,
Hamba langa shona nothando lwami,

Ngibuyel' emuv' ngiland' imiqing' yemilando,
Lapho sidudulana ngesinqandu,
Esixabanis' izindebe ziye zishay' ihlombe,
Kuye kunanel' izihosh' zemith' ye denga,
Engidedele ngith' diya diya ngishay' uzamthilili,
Ngikhoth' udebe ngidansel' imizwilili nemi khulungwane,
Yezinyoni zehlath' elikhulukazi ehlane,
Phakath' ezihosheni sibhekana ngonyazi lonyezi onyelela lufif' emafini,

Uhamba uyoshona nothando lwami,

Izinyembezi  zothando lwethu,
Ukugongobala kwenhliziyo yami,
Imilando nenjabulo yethu,
Uthando inzondo nenxabano,
Izifungo nezethembiso zakho,
Namanga namaqiniso ethu,
Ngikupheka ngogozwana,
Ngikubopha ngentamb' ebomvu yemoy' emibi,
Ngik'bek' esivivaneni sokushona kwelanga,
Kuyoba inganekwane yamagwabab' azob' echoban' emathafeni,
Laph' ilanga lihamba liyoshon' ezintabeni.

Hamba langa shona nothando lwami

Senzokhaya Umhayi

senzokhaya umhayi

# Hamba Moy' Omubi

Hamba moy' omubi

Umphefumulo odunguza ekugudleni komfula,
Umphefumulo ontweza namagagasi olwandle,
Umoya ophephuka neziphepho ezintabeni,
Umoya ondiza namaphepha emgwaqeni,
Isiphepho esisukuma nomhlabathi siwutshale emoyeni,
Inhlwelwa busuku emhlabeni wesibili,

Insimbi eyamemeza kwangathi ukuduma kwezulu,
Isidumbu esaqithika kwangathi kuwa inyoni,
Igazi elageleza kwathuleka kwangathi kufe umiyane,
Manje sengikuthathe ngakubeka lana,
Isidumbu sami sisalele ndengelezi laphaya,
Akekho omubonile ngaphandle kwami naye,
Umbulali wami usephenduke ufakazi wokubulawa kwami,
Naye akabonanga muntu,

Manje ngingaphesheya ngihlukaniswe inyama nomphefumulo,
Umuntu onjengami ubhidlize umshado wenyama nomphefumulo,
Ugqashule igoda elaboshwa uMdali,
Ngizamile ukuzishutheka ngibuyisele okomphefumulo enyameni,
Kepha imfihlakalo eka Mdali,

Sengimile lapha nginethwa izimvula,
Ngihamba ngomoya sengaba umoya,
Uma ngiqhamuka bangibiza ngazo zonke,
'Hamba moya omubi'
Kepha angone muntu ngizofakazela inyama nomphefumlo wami.
Okuhlukaniswe ngokungenhloso yo Mdali nomhlanganisi wakho.
Ngisalinde kuba ziphele ngokubekiwe Nguye izinsuku zami zokuphila.

Hamba moy' omubi.

By senzokhaya, © 2013, All rights reserved.

senzokhaya umhayi

# Imizwa

Lapho ngilele ngicambalele ngesisu ngithe cubalala,
Ngibalekekele ilanga emnyango elibalele elomisa amalala,
Ngizivalele eskhotheni semidlinzo nemicabango yemihla namalanga,
Kuthulekile lapha ngingedwa ngiququdwa umzwangendwa,
Izinzwa ziyaluma zihlakaza injabulo yami,
Imizwa iyahlasela ivuthela umlilo esifubeni sami,
Inhliziyo iyalila,
Umqondo usamgcinile,
Lemizwa igxilile,

Umzimba uyahlazimula iziqu zoboya ziyatshikiza,
Imithambo yegazi iyashisa,
Inhliziyo iyaqandula iphinde ilandule,
Uthando luphihlikile layithela ngenyongo ebabayo njengembenge,
Sahlakaka isibaya sethemba ezimbanjeni,
Ithemba lashabalala laphela lopha ngamandla nomdlandla waphela,
Manje ngaphakathi kwayo sekwakhele isigaxa semizwa ehlephukile,
Isibiyelwe ngesibaya sezithombe ezidlula ziyihlabe ziyivusele izilonda,
Uma zidlula zifana nomkhonto ogwazayo,
Wephukele phakathi uyishiye idumbile ikhumbula izikhathi ingakahlabeki,
Le nhliziyo ihlabekile,
Izinzwa ziyeluma nemizwa yephukile,

Izwi lakhe ngilizwa lifika ngamandla,
Linqonqoza ngomdlandla emadlebeni ami lifika ngesankahlu,
Ngizizwe ngathi umzimba wami uzonqamuka iziqu ezintathu,
Kube ngathi ngizombona eqhamuka lana,
Ngathi ngizomthatha ngimphendule ugodo,
Ngimtshathe siwele iziqodi,
Ze egqibe lemigodi yemizwa ayibasele enhlizwiyweni yami,
Eyoqhubeka ekhwezele umlilo emagcekeni akithi,
Ecishe lomlilo oshisa uvithize' imizwa yami,
Ngizwa izwi lakhe liyamemeza,
Ngizitshel' ukuthi uyeza,
Kant' cha umzimba uyathimula,
Izinzwa ziyaluma,
Imizwa iyahlazimula,

Isithombe sakhe siyakhazimula,

Nasi ngisibona lana emqodweni,
Ngasithwebula ngasigcina enqodweni,
Ngamehlo ngambona ngamgcina ngenqondo,
Laba linye lelolanga elafika lagasela ngagasela ngahlasela njengesela,
Ngamcela ngamshela washalaza,
Yaqal' imbewu yothando yaphunyuka yawel' emhlabathini olungileyo,
Umhlaba wavunda yaqhuma imizwa,
Imbali yothand' yaqhakaza, Laphum' ilanga layinikeza umdlandla,
Lana izulu ahlala amathemba ezithelo,
Izithelo ayi izinyembezi zokuphukelwa inhliziyo,
Sengimgcina ngamehlo enqondo njengezindaba zayizolo,
Izithombe zakhe zibanika njengombani enqondweni yami,
Uyafiphala! ...
Uphi? ...
Loluthando lunemizwa
Izinzwa ziyaluma,
Umzimba uyathimula,
Ngizw' imizwa ihlazimula,

Imicabango iyanqamuka,
Sekuphele nentshisakalo,
Nginqamula izindlela ngamathambo enqondo,
Lendlela isinokhula nesibani siyafiphala,
Angimboni umkhanyisi wothando,
Nalesi sihlahla asisakhuli ukhula luhlome lahlasela,
Uphi lomcenti webala sengibala izigameko ngobuchopho,
Nebala washabalala njengonyezi emafini,
Wathumela izinhlungu emizweni yami zafika zatinyela,
Njengodosi luka mahlomendlini,
Wahamba washiya inhliziyo yami eyichome emeveni,
Yasala yahlabeka,
Imizwa yahlasela isidumbu sami,
Ngilalel' imizwa ihlasel' izinzwa,

Ngichoba iminwe vele ngiyamkhumbula,
Kepha ngizothini ingubo yothando lwami uyihlubulile,
Sekusele isidleke nje esifuba sami lapho owayephumula khona,
Manje undizile futhi uhambe ijuba lika Nowa,
Akasoze wabuyela enxiweni,
Mina angikhale ngithule ngiwethule lomthwalo,
Angiyikhothe imbenge ze kuphele nezinhlungu,
Zehle izinyembezi ungidle nonembeza,

Ngazi ngamenzani okungaze angigawule ngezembe lemizwa engiyizwa ngedwa.
Lemizwa eququda umoya wami,
Lemizwa ethuntutha ithemba kimi,
Yona lemizwa ephundla intshisakalo yami,
Ze ngithi angisophinde ngilithande ikhiwane elihle,
Linezibungu ezigubha imizwa yami,
Ziphundla izinzwa zami ngizizwe ngathi ayisasebenzi nayo imizwa,

Imizwa ngiyizwa njengezwi lakhe,
Lelizwi lakhe engilizwa ngathi ngiyalizwa umu ingidla lemizwa.
Umqondo uyanqamuka,
Inhliziyo iyaqandula,
Uthando ngiyalulandula,
Umzimba uyathimula,
Izinzwa ziyeluma,
Imizwa iyahlazimula,

senzokhaya umhayi

# Imizwa Kamakhwapheni

mizwa kaMakhwapheni

Collaboration: Senzokhaya umhayi neMizwa

Thando lwenhliziyo zithobe,
Ngicela uphole udedele igazi,
Nhliziyo yami xola uzilalise ungathathi ngamawala,
Bamba nenqondo yami ukuba ingajuli ize izikhohlise ngaye emaphusheni,
Ngicela niqonde ukuba mina angiyena umaqondana kuye,
Noma bengifisa ukuthi ngelinye ilanga sibe naye emndenini,
Njengomhlengikazi obezonenelisa aninese ngenjabulo,
Anijabulise lapho nijabhile,
Kepha iqiniso lisigabhile,
Phela kunalo asemthathile,
Thina sasuke sasindwa zinyawo,
Yingakho nje esigcine sicashile ngaphansi kwekhwapha,
Ngalokho jabulelani ukuthi sigcine sesimtholile,
Ningabheki ukuba asimbonanga izolo nanamhlanje,
Thina asibonge noma esibone kanye ngeviki,
Sithokozele nje ukuthi uma simbonile uyasikhisa emthonjeni siphuze sidele ngaleso sikhathi,

Nakimi kubuhlungu noma ngazi nje ukuthi ngiyishende,
Kuyahlaba kuyaphukela ngaphakathi,
Akwehli kahle lapho ngimbona sebemphethe ngesandla besithela naye,
Mehlo ami nimbheke kodwa ngingagxili kakhulu,
Noma ephenduka ebheka emuva esibheka lapho bemxhakile,
Ze ningalili nizimumathe izinyembezi,
Ngoba yena ngiyamazi mina,
Eyakhe inhliziyo ilapha kithi,
Duduzekani ngalokho nizikhothe amanxeba,
Uzobuya ezosisula izinyembezi,
Hlalani ethembeni naye nimgcine esemaqophelweni,
Ze ethi efika engaboni ukuthi sike salila ngenkathi sisamlindile,
Simkhombise ukuthi besimkhumbulile ngesikhathi esahambile,

Imizwa:
Uthi asenzenjani,
Simbonile samthanda thina,

Ngakho samgcina ngaphakathi emajukujukwini ethu,
Wena umfakile wasicela ukuba simthathe,
Namhlanje uthi asizithobe singakhali,
Singahlabeki kepha sibe sixhoshwa sibhekile,
Sibe sibona bemthatha phambi kwakho behamba naye,
Sibe simbona ebanjwe omunye,
Uthi singathula kanjani singalili sibe silimala,

Okubuhlungu thina bese sizithembisile,
Sikuthokozela ukuba usuze wamthola ekugcineni,
Kepha futhi kanti naye owesikhashana,
Uthi ukhosele ngaphansi kwekhwapha,
Nakithi akwehli kahle kithi,
Ukube besicabangela kweyakhe inqondo,
Nawe ukube bekuthanda ngokwanele,
Ubezoshiya phansi lo asehambanaye,
Ejike ebheke emuva ebuye kithi,
Kepha ngoba simncinyane kweyakhe imizwa,
Uthatha kude emqondweni ukuba esicabangele,
Kepha uthi thina asilale ngenxeba sidedele igazi,
Kepha sihlabekile siphukile siyopha ngaphakathi,

#both poems are wriTten by Senzokhaya Umhayi.

senzokhaya umhayi

# Indandatho

Ngisemendweni Kulomuzi ngiganile,
Lomendo ngawuthola ngisewu m'vumbu wentombazanyana,
Ngangisemncane ngokwethambo nangokwenqondo,
Inhliziyo yami yayisathambile, Uthando yayihamba ilutshala nasemhlabeni ongavundanga,
Amehlo ami ayesebuthuntu esaxhoshwa intuthu yomlilo wamaphepha,
Nomoya wami wawusentekenteke,
Ithemba wawulichitha njengamanzi onakele,
Namhlanje ngibuka izinqumo engazinquma ngivale amehlo,
Izinqumo ezangivala amadlebe ngangamuzwa umama wami,
Namhlanje ngidla izithelo zezinqumo engazitshala mhla ngizithatha ngithabatha lomendo,
Izinqumo engazithatha sengiphuthuma ukugqoka indandatho,
Izinqumo engazithatha sengijahe ukugibela ibhasi eliya emendweni.

Lomendo usufana nomeqo othakathwe ngesiqalekiso sokushiswa indandatho,
Namhlanje indandatho engayifaka ngimomotheka,
Indandatho eyaba isikhiye sokuvula esibayeni sobuntombi bami,
Yona kanye le ndandatho owathi mhla engifaka lomlisa wehlisa izinyembezi,
Le ndandatho eyamenza waguqa ngedolo,
Waze wakhama amagama okuzifungisa phambi ko Mfundisi,
Hho hhe ngaselula nami isandla sami,
Ngamnikeza umunwe wami okuthiwa umngani wendandatho,
Lendandatho engayifaka yangithatha yangibeka kulomhlaba ongenaye umama,
Kuyimanje angikwazi nokwelula isandla ngicele isandla sikamama ukuba singiduduze,
Namhlanje ngishishwa ile ndandatho ngingedwa vo,

Emphakathini babona isidumbu sami sikhululekile,
Abakwethu babona ubuso bami bumomotheka,
Abasemzini bafuna ukubona ukuqhakaza kwembali abayitshala ngezinkomo zendodana yabo,
Abakithi bajabule bathokozile bazithola izinkomo zamalobolo,
Umama ngamthembisa ukuthi ngishanda ngentokozo,
Akawazi lomopho esengiwopha ngaphakathi,
Akamazi uThemba lami ukuthi usephenduke ibhubesi,
Le ndandatho isiphenduke isiqalekiso,
Ngimemeza usizo lukamama lapho ngisha,
Kepha manje sengishawa isikhathi,

Ngesikhathi ngisenesikhathi angisithathanga isikhathi ngamnikezi indlebe,
Indlebe angiyikhongozelisanga ze ibuthe iziyalo zikamama zokugcina,
Namhlanje ngiyikhohliwe imiyalo engingayinikanga indlebe,
Ayikho emgodlagodleni engeza nawo,
Sengibhekene nokushisa kwendandatho,

Amasango akithi ngawafulathela ngeza kulomendo,
Ngazijomba iziyalo zika mama,
Angivumanga ukuba ubaba angidonse ngesandla engivulele amasango,
Ubaba akamnikezanga umyeni wami isandla sami esandleni,
Ekhaya angivalelisa mhla ngithabatha loluhambo,
Umama angimengamanga njengendodakazi yakhe,
Namhlanje umzimba wami uvimbelene ngemivimbo evimbanisa igazi,
Sengiphenduke imvithi evithizwa ngenduku nsuku zonke zemihla,
Imihla yami sekuyimihla yokukhama izinyembezi,
Umyeni wami usephenduke umvubeli wentukuthelo nenhlukumezo empilweni yami,
Uhlamvu lukamentshisi olwalayitha isihogo ekuphileni kwami ile ndandatho,

Namhlanje lendandatho ngiyithatha ngiyayikhumula ngiyibeka etafuleni,
Ngithatha incwadi yasenkantolo yezifungo nezethembiso nayo eceleni kwayo,
Emnyango isicabha sivaliwe sakinatelwa ngeketango,
Uhlamvu lukamentshisi ngiluphethe ngesandla,
Ngimbathe ingubo yomshando engangiyigqokile mhla kukuhle kwethu,
Sengizithelile ngamaconsi amancane esivuthisi(Pethiloli) ,
Lamangabi awangabi isithombe esibi kuwe,
Ze niwucoshe umlotha niwufihle ngomhlabathi,
Bese niqalaza  indandatho enizoyithola lapho,
Leyondandatho iyona umvutheli womlilo oshise umzimba wami,
Uyibheke iyashisa leyo ndandatho.

senzokhaya umhayi

# Iyangidla Lento

Ezweni sekuthulekile phakathi kwamabili,
Phakathi ezindongeni zendlu yokuzikhulula,
Ozakwethu sebedonsa obude emaphusheni,
Zibuye zingidle lezi zinto zomhlaba,
Amadlebe ami elume abuye lamazwi angihlabe,
Amehlo ami ehlengezele izinyembezi,
Ngingeke ngisamuzwa ethi angenzeni,
Ngingeke ngisamlalela uma ethi angingenzi ini,
Sekuba ukuyikhumbula imiyalo yakhe.

Izwe lakithi ngalishiya ngaduka nezintaba,
Ngibafulathela abaphehli bempilo yami,
Ezweni elikude ngabubhadama ubumnandi,
Emazweni ngababafumana abangani,
Ngalibala imiyalo nesicefe sokudonswa ngendlebe mihla namalanga,
Ngaqala ngakubona okuhle okukanhliziyo ngiyise,
Ngazinesa ngempilo kamathanda nhliziyo,
Nganyathela ka nyawo zami zinethezekile

Ozakwethu babebahle bekhazimula,
Emzimbeni bekhafula amakha,
Nami angizibekanga phansi,
Ngomnyama ongenanyezi ngabalandela,
Ngaye ngawuhosha umkhokha wonondindwa,
Emakhoneni omgwago sengiphenduke umahosha,
Ngigqebhezile bathe angivez' amathanga,
Bath' uvalo nengebhe angikushise ngamanz' amponjwana,
Bath' umzuliswano ngizowubiza inyathi,
Nebala ngayithatha imiyalo yabo,
Ngayilibala enganiselwa ngayo ngikhuliswa,

Besiphuma sihaze lonke idolobha njengamachwane esikhukhukazi,
Besilala nabanumzane bemizi,
Besilala nobaba abanemikhaba,
Impilo sayiphila ngesandla sesinxele ngaphandle kwesisekelo,
Namhlanje abasekho abangani abazongisekela,
Igazi lami selingijikele langidla ngombulalazwe,
Sengisele ngingedwa akusekho ukubuyela emuva,
Sengihlezi ngibuyekeza lemiyalo,

Engasoze yabuyela emuva ngiyenze kabusha.

Engabashiya emuva ngiyesaba ukubabheka,
Mengibona ontanga engakhula nabo ngingena ezintangeni,
Nabo abasangiboni ukuthi yimi lona,
Engangidonsa amehlo esoka lingapheshe ya,
Ngezikhathi zami kwakuyimi,
Kepha manje kancane kancane ngiyaphela ngaphakathi,
Ngahamba ngayishiya imiyalo yabazali,
Namhlanje endlini yokuzikhulula ngichama igazi,
Ukufa sekumuka nami uthuli,
Umzimba wami ugawuleka amalunga ngamalunga,
Iyangidla lento ngaphakathi.

senzokhaya umhayi

# Khalani Zinyoni Vele Nizolibusa

Khalani zinyoni vele nizolibusa,

Vuselel' ithemba Nkosi uJesu,
Isizwe sakho sidangele Mdali wethu,
Kuyafiwa emhlabeni nsuku nemihla namanga,
Izifo nezingozi zisishwaqa sibhekile,
Imindeni isele dengwane,
Balele abanumzane bemizi bashiya abafelokazi nabantwana,
Balele odadewethu bashiyiz' izintandane,
Nami ngiyintandan' eyasal' ipheth' iphepha nosiba,
Nemibhalo ngizoyishiy' ngemuva sonke siyagoduka,
Bangak' abafowethu nodadewethu abasishiyile,

Ngiyabuka....
Abafowethu basebenza kanzima ezimayini,
Bazikhandla mihla malanga begqom imigodi begob' iqolo,
Phakathi emathunjini emajukujukwini omhlaba ezimayini,
Bezama bewa bevuka bejuluka namafosholo,
Bethwala kanzima bephusha imigqomo yamalahle,
Begubha imigodi ngamahalavu bephehl' igolide nesiliva,
Lezinsizwa njalo makuphel' inyanga zithumela izithukuthuku emakhaya,
Ze imindeni ithokoze zifunde nezingane,
Zibuhlungu izindaba lapho sekufika incwad' encane isithi,
'Kube nokuzamazama eziyamini emathunjini omhlaba, kunabavukuzi
ababandakanyekile kulesi sehlakalo, akekho osatholakele ephila,
Amagama abo asagodliwe,
Kusacelakala ilunga lomndeni ukuba livele enkaphanini,
Hho zivele zigwal' amehl' izinyembezi kumama ngomyeni wakhe,
Kanjal' zilel' insizwa zisal' izibongo,
Khalani zinyoni vele nizolibusa,

Mihla namalanga siyehla siyenyuka,
Sihubhana nempande yesono ze siqinise amathumbu sibambe nemimoya,
Odadewethu nabofowethu basuka kude emakhaya bezosebenza emadolobheni,
Ayikho imisebenzi emaphandleni,
Bekumnandi umndeni uhlangene ngoZibandlela,
Aphele amaholidi sekumele kukhalw' ebhasini kubuyelw' esilungwini,
Umama wehla uyenyuka ulungis' umphako wendlela,
Uzofike udle phambili mtanam,

Ngizofona mase ngifikile mama,
Evalelise lifik' itekisi limthathe,
Lize liyahwalala umama ulindele insimbi kamakhalekhukhini,
Eze ezidele amathambo efone,
Luth' ucingo alusangeni,
Ethi ulalele abasiki bebunda,
'Sekube nengozi ebandakanye itekisi emgwaqeni omkhulu onguthela wayeka osuka eMtuba oza eThekwini,
Akekho osindile kulengozi,
Zehle izinyembezi kumama,
Zilale izinsizwa nezintombi,
'Impela khalani zinyoni vele nizolibusa'
Khala zinyoni vele nizolibusa'

Baqashwe ophikweni lengalo yomthetho,
Elwisana nobungebengu ibuye ivikele umphakathi,
Bazinikela ngezimpilo zokuphila kwabo ze begcine ukuthula emphakathini,
Basebenza kanzima ze bengcine indawo iphephile,
Bayazikhandla ze imiphakathi ihlale ngokuthula endaweni,
Badela ngisho ubuthongo beqaphile ngamehlo okhozi ukuthi awukho umonakalo,
Basebenzela imindeni nabantwana,
Abesilisa banemizi bashadile banamakhosikazi athembele kubo,
Abesimame baganile abanye bangabafelokazi baziphathele imizi,
Ziyehlaba futhi ziyephukela emalungeni emindeni uma zifika kanjena,
'Kube nesehlakalo lapha bekutholene phezulu amaphoyisa nezigilamkhuba ngenganono, imoto yamaphoyisa itholakale nezindumbu ezimbili zephoyisa lesilisa nelowesimame, kusolakala ukuthi abasolwa bashaye bachitha akekho otholakele oyingxenye yabasolwa'.

Khalani zinyoni impela nizosale nilibuse.

Zizohamba izinsizwa kuyosala izibongo,
Zizolala izintombi ziyosala zibizwa,
Abefowethu basishiyile bengahlosanga,
Odadewethu balele emathuneni,
Imindeni isele mpunumu,
Bebezinikele besebenzela imindeni,
Abasibonanga liphuma lishona elanamuhla,
Alele amaqhawe kepha negeja lisasensimini,
Mihla namalanga sivuka sizinikele siyophanda yona impande yesono,
Akusenani vele yasho iNkosi uShaka,
Leli liyobuswa izinyoni,

# Le Mfihlo Yethu

Lemfihlo yethu,

Ukube ubungazisile ngosuk' lokuqala ngikushela,
Sonke lesisikhathi ngikulindile,
Ungilindisile wangicel' ukuba siqale sibe abangani,
Wath' ukhona osamthandile,
Mina angime ngimulind' ukuba akwephul' inhliziyo,
Wath' uzobuya kimi uma sekuvum' isikhathi,
Zahamb' insuku namalanga,
Ngahlala ngithembil' ukuba uzobuy' uzofez' isethembiso sakho,
Naye waz' ukth mina nawe singabangani nje abakhule ndawonye,
Kepha wena ngalana ubuyaz' imizwa yami,
Bengiktshelile ngothandi olusenhliziyweni yami,

Njalo mek'limaz' emphefumulweni ubukhalela esifubeni sami,
Ungitshela zonk' izinto akuhlupha ngazo,
Ngikuthulis' ukhala ubalis' uthi yena uyakuhlupha,
Uth' uyahlulek' ukuthandana naye ngoba yen' uyakshaya,
Uhamba namantombazane phambi kwakho,
Ulala nawe ngenkani ungavumanga,
Akafun' uvakashe nom' uhambe nabangani bakho,
Uma nindawony' uk'phuc' ngish umakhalekhukhwini wakho,
Owakhe' akafuni uwubheke,
Walila ngakuthulisa ngakududuza,
Ngazama ukuba umngani othembekile empilweni yakho,
Ngakubonisa ngakuyala waba ozwayo,
Ngakwesula izinyembezi,
Ngayithulisa inhliziyo yami,
Ngayilalis' eyami imizwa,

Noma ibilokh' ishilo nje ngesilokozane,
Ukuthi nami ngangikushelile nje,
Nami ngangikutshelile ukuthi ngikuthandile,
Ngabe awungiboni yini ngingokulungele,
Awungiboni yini ngiyi ndod' eqotho engakuboni ufanelwe izinyembezi,
Olwami uthando uyaleya noma ulibukela phansi,
Pho uma kunjalo kungani ngaso sonk' isikhath' mekonil' ugijim' uzokhosela kimi,
Uma ngiwumthunzi wokukhosela njalo 'ma sezikunethile,
Kungani ungathathi mina umshiye yena,

Futhi kube yenu ubengoqotho kuwe,
Ngabe akajoli phambi kwakho,
Ngabe awuhlal' uciphiza izinyembezi njalo emehlweni,
Ukube yen' ubekuthanda wena pho ngab' ukubekelani isandla,
Ukuphoqelani enkonzweni yasekamelweni,
Nanamhlanje futhi ukubeth' ingoz' engeqiwa ntwala,
Ufikile kimi ukhala futhi,
Ngakwengama ngezam' ukuk'thulisa njengemihla,
Kepha wena ungibambile wangisondez' eduze wangiphefumulel' emakhaleni,
Nakimi kwathamb' emaqakaleni kwaqin' imizwa,
Bukad' ubuthakathak' emoyeni ubungazaz wenzani,
Ke mina nami ngiyakthanda angikwazang' ukuzilawula emzweni,
Sagcina sesiphelel' ekamerweni,
Namhlanje sivuk' endlini eyodw' ekseni,
Silalile futhi siphindile iphutha lenzekile,
Nayizolo nanamhlanje futhi ufikile,

Sobabili sesifihl' induk' eyodw' emqubeni,
Njalo njalo usulokh' ubuyile,
Sengiphenduk' umduduzi wenhliziyo yakho,
Sengiphenduk' umelaphi womoya wakh' owephukile,
Sengiyimbiza yokukuphalazisa zonk' inkinga ezikukhungathile,
Kodwa nami ngangikade ngikushelile ngikulindile,
Ngikutshelile ngothando lwami,
Kepha wathi angimulinde eze ekuphul' inhliziyo,
Namhlanje ukuphulile umoya,
Kepha ukhalela kimi liphume ilanga uvuke ubuyele kuye,
Ngisale ngimile ngilindile ukuba uzobuya usushitshile,
Kodwa lutho ulokhu ungicelile nje,

Uthi okwethu kwaziwa yithi sobabili,
Imfihlo yethu asingayithi vu emphakathini,
Kepha mina lendaba iyangibolisa ingivova ngaphakathi,
Umoya wami uyakhathazeka njalo mengikubheka amehlo akho ayalila,
Ubuthakathaka futhi uhlukumezekile kepha awufun' ukumyeka,
Uthi mina ungithanda njengomngani,
Sinothando olufihliwe sivela emphakathini njengabangani,
Awufuni bebone ukuthi khona okushaya amanzi lapha kithi,
Kepha makushoni langa uwen' uzongikhalela,
Usek'shayile futhi,

Lalela ke manje,
Nami sekukhon' engimthandile engifun' ukuvela nay' emphakathini
njengesithandwa ayi njengomngani,
Khona senze kahle njengabangani,
Qhubeka nomthandayo nami ngiqhubeke nengimtholile wangithanda,
Ubungani buphele lana nemfihlo yethu siyigqibe khona lana.
Lemfihlo yethu asiyifihle siyiphethe iphele nya,

USenzokhaya
Umhayi

senzokhaya umhayi

# Leyomini

Lashon' ilanga layozilahla kunina,
Yafik' imini yezinyembezi
Imin' yezinhlupheko,
Imini yobumnyam' ebalekis ukukhanya,
Ngenhliziyo yami ngiyabalisa,
Ukuhlupheka kwami kuningi ngikubala kudlul' iminwe,
Kungcon nal' ilanga lizilahla kunina,
Mina ngiwumtshing' ubethwa ubani anginabani,
Ukubalis' nezinyembez' ikhon' okubusi impilo yami,
Okwam' okwezandl kub' okwezinyawo ngabe kuyangshiya,
Njengo mam' owangshiya ngingenabani,
Ngob' ukuf' izembe eligawula noba ubani
Leyomini ang'soze ngaykhohlwa,

Namhlanje ngiyintandan' engenabani,
Angiluth' entendeni yesandla sami kugcwel usizi nenhlupheko,
Amandl' awaphelile umthwal' ongehlelil' onzima,
Umhlaba wami uyazamaza,
Ngiwa ngivuka ngizam' ukzama,
Ngiyazabalaz' ang'na bazali,
Ngiyintandane ngidla ngedwa,
Sengphenduk' udlayedw' inkomo esehlane,
Ngiy'mina ngiy'mina,
Angsoze ngaykhohlwa leyo mini,

'Mfana wami khula, ufunde uzithande,
Ngiyak'thanda mfana wami'

Lawo mazw' amazwi kamama wami,
Amazw' akhe okugcin' emhlabeni,
Amazw' akh' engigcin' ukung'bona,
Amazw' akh' ayisiyalo sokugcina angipha sona,
Lamazwi'ayohlal-a kim inguna phakade,
Koze kube inguna phakade ngicabanga ngaleyomini,
Eyafika langishonela yangicishela isiban' empilweni yami,
Namanje ngisazilile,
Angisoze ngayikhohlwa leyomini.

LEYOMINI

# Luphi?

Luphi?

Wavuma ngezwi lakho wathi uzongithanda ngoba ngithi ngiyakuthanda,
Wathi sothandana ngaphandle kokuhle nobubi,
Wathi uzongengama noma ngisebubini,
Nalapho umhlaba ubhubha wathi uzoba nami,
Nasezivunguvungwini lapho umhlaba uvunguza wathi uzohlala nami,
Wathi uzoba uthi lokuvungul' izinkinga zami,
Nami ngadideka ngakwethemba,
Ngasho ngawa nami kweyakh' intende yesandla,
Nganginethemba ngithembile ngithenjisiwe kanti ngifumbathisiwe,
Kanti ngishayw' ngemf' iphindiwe.

Sengikhalela lomuzwa olapha ngaphakathi kweNhliziyo yami,
Owawenza wakuthanda,
Owawenza ukuth ukuthathe ukuthembe,
Owawukhohlisa ngamanga obuqili bakho,
Owawuthatha wawothisa umlilo wamaphepha,
Wawunikez' uthando lwakho olungumaphelel' endleleni,
Manje sengisele ngedwa ngidukile,
Ngihamba ngiyadunguza ezindleleni zobubi bakho,
Ngiyadukuza ematshotshombeni,
THANDO wawulapha kanti ukuphi?
Ngihamba ngiyalambatha ngiyamemeza,
Ukuphi nah?

Uma lusekhona ngicela ungikhothise lona ngibheme ngikholwe,
Ngishisele lona ngikhohlwe izinkinga zomjolo,
Uma lusekhona ake ungikhombise lona ngilubone ngamehlo,
Ze bethi ontanga sebechoma ngomasihlekisana babo,
Nami ngikukhombe ngelikhulu ithemba,
Ngaphandle kokushiswa amahloni,
Ngibonise uTHANDO lwakho.
Luph' uthando lwakho

Ngabe amehlo ami asebuthuntu ukuze alubone?
Ngabe lubanzi lujulile ukuze kube olwami?
Okanye luyasinda angisoze ngalikhona?

Uthi lukhona lona na?
Ngize ngizibuze ngiziphale ulimi ngingesithutha?
Sengingaze ngizishaye ngendlebe etsheni?
Ngingempumputhe ngibona ngawo womabili,
Angith sasibabili siyixoxa lendaba,
Tshela mina ke sithandwa sami

Kanti luphi uthando lwakho na?

By S??z?k????  U????i, © 2013, All rights reserved.

senzokhaya umhayi

# Mama Ngiyeza

Ngizokwehla estobhini ka Mafuleka,
Ngizolifulathela elasesilungwini ngomso,
Ngizotheleka nize ningilindele,
Utshele no dado benqamule izinyawo ze ngifike bebahle,
Yebo ngizofika emini bebade,
Mama ngiyeza,

Akusasele mahora namizuzu mingaki,
Sengisilungisile isikhwanyana sami engasithenga eflea makethe,
Sengime ngomumo ngisacilonga kahle isiphomoliya sami,
Sekuphele imizuzu ngiziphophotha esibukweni,
Ze bethi uma bengibona ondaba zakudala bebone ukuthi angisendaba zakudlala,
Mama ngiyeza,

Lapho ilanga lisaxosha inkungu,
Namazolo eseqala ukuzicelela empunzini,
Ngilunguze isibuko sami okokungcina,
Ngithintithe izinxabulela ze zicwebezele,
Ngigaxe isijumbana sami emahlombe,
Ngihlome ngikhahlele ngizibone zimhlophe izindlela,
Ngihlohl' ingidi ngikinatele umfihla khanda,
Sengibhekise amabombo ngiyokhomba inqola,
Mama ngiyeza,

Lapho ilanga liqoqa amathunzi sizobe sesibonene,
Uze ulungise ungibike emsamo kuguqa sithandaze,
Ubatshele okhokho ukuba belungise amafutha,
Ze bengigcobise ebusweni bami,
Ngiyethemba nabadala bazohamba nami,
No Mdali uzongihlenga ngifike nginibone,
Mama ngiyeza,

By senzokhaya umhayi, © 2013, All rights reserved.

senzokhaya umhayi

# Mama Sesilapha Manje

Ngithi mama mama sesilana manje,
Izikhathi zenhlupheko sezidlulile,
Manje sikwa Mpumelelo,
Sesidlulile kwaNonhlupheko,
Noma izikhukhula zasinetha ngalesa sikhathi
Okuhle ukuthi azidlulanga nathi,
Noma ubaba wasishiya ngaleya minyaka,
Okuhle ukuthi akahambanga nenjabulo yethu,
Noma wangikhulisa kanzima uwedwa udlala uhlupheka,
Kepha ngeke sihlupheke noma sengiphumelele,
Lana uzovuna imiphumela yempumelelo yenzalo yakho
Mama mama sesilana manje,

Phela wena ufana nomlimi owethembekile,
Umhlaba insim' owangitshala kuyo,
Ke wangitshala njengembali ezweni lakulomhlaba,
Wanginisela ngencence ze ngiqine ngibambelele emhlabathini,
Zafika izimvula njengokuhlupheka kwavunguza,
Noma ngaye ngabuna kepha angifadalalanga,
Awufananga ne nyoka awungishiyanga ehlane,
Kepha wahlala nami wangengama wanginisela,
Ngaqala ngavuleka amehlo ngabona ngakhula,

Bafika abangani njengokhula bangigcwala ikhanda,
Bangiduda ngemikhuba yemiduma khanda ngaphenduka umduma khanda kwamina,
Ngaqala ngakuhlupha ngihamba ngomnyama njengo nyezi,
Ngakwe khama izinyembezi ukhala imini nobusuku,
Wangidonsa ngendlebe wathi angiyek' izindlela ezimnyama nabangan bamanga,
Labo bangan' bamanga wabaqhelisa ezindleleni zami,
Wabacenta njengokhula ezinyathukweni zami,
Ngabadlula ngaqhubeka ngahluma amagatsha anempilo,
Ngabhema ngakholwa impilo yezimpilo zomhlaba wangaphandle,

Noma kwangithatha isikhathi ukuba ngithele izithelo,
Noma kwabanzima ukuba ngizithole ukuba ngiwuhlobo luni lwesithelo,
Nesomiso naso sasidlangile ngalezo nsuku,
Zazimnyama emihleni yezinsuku zethu lezo nsuku,
Nezikhukhula zafika zagugula umkhukhu esasifihle kuwo ikhanda,

Nomakhelwane baqala bakubukela phansi,
Saphenduka isiphuzo sokwehlis' insini emphakathini,
Saqala sentshisa imbuya ngothi,
Kukade sasiyiququda eminyakeni,
Manje ngith' sesidlulile eminyakeni,
Sesilapha manje,

Namhlanje ngiphethe ithawula ngithi sula leyo mijuluko nezinyembezi zeminyaka,
Ngithi nanka amanzi afudumele,
Thoba leyo mihuzukuko namanxeba yezinhlupheko zeminyaka,
Ungabe usenza minyakazo manje,
Yakaza izandla zakho nganaw' amanz' acwebileyo,
Uhlale ulindele inzalo yakho
ikuqhiqizel' izithelo zempilo,
Phumuza amathambo ntomb' endala,
Ungabe usaphanta manje sikhukhukazi,
Ichwane lakho selikhulile,
Vul' amehlo ubheke kuseyimina ingane yakho,
Ngimi lapho ezinyathelweni zakho,
Ngiyakukhulula ngithi thatha umhlalaphansi,
Sezadlula leziya zikhathi zosizi,
Vuma ngikwelaphe amanxeba,
Sesilapha manje.

Mama mama sesilapha manje!

By S??z?k????  U????i, © 2013, All rights reserved.

senzokhaya umhayi

# Masibonisane

Masibonisane

Ngivula amehlo ami ngipheqe amakhasi,
Kuze kuhlengezele izinyembezi ngifunda ngoMhlengi,
Ngiqwebe uzakwethu ukuba angibonise,
Ze afunde aqonde ngesiZulu soqobo,
Ngivevezele njengo mnyovu kuze ngizwe uvo lwakhe,
Ngithi Masibonisane,

Kudela owaziyo ukuth bazosiqeda yin' isikole laba,
Sisho sibabheka ngamehlo abomv' abafund' abangama Hlokohloko uma sifunda,
Siqhubeke nokubek' usiba ephepheni,
Siyamanise imicabango neZihlabathi zolwandle,
Siziphuphe sesigqoke Imvunge yemiyezane,
Sithembe ukuth' Lizokuna ngelinye ilanga,
Sihlale ngamaqoqo sibonisane

Noma sibhala isibizelo samagama amnandi,
Nalapho sibhala izindaba ngolimi lwebele,
Ngiye ngizibone ngikwitiza lapho sinenkulumo mpikiswano ngoluka Joji,
Eze eqhume ikhanda um'fundisi echaza izibalo,
Ngiqweb' isiqenqe ukub' sicije izindlebe,
Ze singitolikele kweyethu inkundla yokubonisana,

Uthisha ngimbhekisise okuka mabonakude,
Ngimlalelisise okuka makhalekhukhwini lapho engikapakela,
Ngimbone sengathi ungiphakela ikusasa lami,
Umbono wakhe ngiwubambise okwepeni enkambini yesivivinyo,
Esho eyibelesela umfana insimbi yokugoduka,
Akuphelile nakusasa kuseyithuba,

Sijabule besibambisene ngokosuku,
Besihle ndawonye sibumbene njenge mbumbe,
Sifunde lukhulu namuhla,
Okwelanga sesikufundile kulelibanga,
Osekusele okwasemakhaya,
Nakusasa kuseyilo elemfundo

Siyabuya sizo BONISANA,

# Namhlanje Usuku Olukhulu

Namhlanje usuku olukhulu

Isibhakabhaka sicwebile phandle,
Nami ngikhiphe ucikicane,
Ngizicuphe ngiyacosha ngesidwedwe,
Ekhanda ngichusheke isigqoko esimhlophe sachonywa uphaphe olubomvu,
Emahlombe nginembe ihembe lami likanokusho elimhlophe njengamafu esibhakabhaka,
Ngaligqikela entanyeni ngontanjana obomvana sakubende,
Ngase ngevatha ngebhantshi elibomvu njengewayini lamangisi,
Okhalweni kuya phansi nginamathisel' ibhulukwe elimhlophe chwe elingahlalwa mpukane,
Elithakathwe ngohlobo lwendwangu kalineni,
Noma sezithe ukuphasha izinxabulela zami kodwa nazo ziphahle ngomubala obomvu bese zisho ngamadevu zintambo zimhloshana,
Esandleni sokunxele ngiphethe imbali engiyithenge ngeshumi lopondo esitolo sikamazithathele eflea makethe,
Lolu uhlobo lwe Rozi oluheha ngisho izinyosi ezinkalweni.
Ngilukhethe kweziningi izinhlobo zekhethelo,

Ngifuna kube into ebengayilindele angimazisanga,
Ngimlethele emnyango wendlu yakhe,
Nokho sesiside isikhathi nginqonqoza,
Uma ngimthumelela umyalezo kumakhalekhukhwi uyangena,
Sengimdonse izihlandla ezimbalwa ocingweni,
Ke lona lutho akalibambi,
Nelanga liyashona ngimile emnyango,
Endlini ngaphakathi khona okushaya amanzi,
Kancane ngiyawuzwa umsakazo ukhalela phansi,
Ngibhek' eceleni kwendlu kunemoto emile,
Liphel' ithemba ngibon' ukuthi sebemthathile,
Kushut sonke lesi khathi ubengibhaqhile,
Yonke leminyaka ubelokh' engenza isilima,
Ngibuye ngiziduduze,
Ngithi angeke,

Ngikhumbule impela iyona indlu lena,
Nekheli yilo leli angibhalela lona,
Ngihlehle kancane emnyango,

Zehl' izinyembezi kancan' ezihlathini,
Ngidl' imihlathi, ngiziqinis ngime isibindi,
Esandleni ngiyipicize kwalembandlana ebengithi ngimlethele yona,
Kodwa ngemal' yami yokugcina,
Ngihudul' izinyawo ngiyophuma ngegede manje,
Lapho sengithi ngiyaphuma,
Ngiphenduke ngibhek' indlu okokugcina,
Ngibuk' ikheli, impela ilona,

Sengizidele amathambo ke manje,
Impela kuzoqhuma aluhlazane,
Kuzomane kufe ofayo,
Akukho ntomb' yami yathathwa ngibhekile,
Ngibafunge okhokho bami bonke,
Ngiphindele ngesankahlu manje,
Kwale Valentine izophenduk' eyegazi,
Okungenani kuzophuma isidumbu,
Nginesivuthevuthe manje,
Ngidiniwe sengilahle kwambali,

Sekuthe ukuhwalala emnyango manje,
Sengith' ngiya wushaya nje umnyango,
Ngizwe isandla singithint' emqaleni,
Ngiphenduk' ngesibhakel' engasipons' ebusweni,
Lomunt' wawa wafadalal' phansi,
Ngamkhahlela!
Ngamkhaba!
Wakhala ngezwi lowesimame pho,
Sengith' ngiyasondela ngimbhek' eduze,
Ohhh nkosiyam! ! !
Isithandwa sam nje lesi,

Kusenjalo ngezw' umnyango uvulek' emva kwami,
Ngezwa ngent' ingikhahlel' eqolo,
Ngath' ngiyaphenduk' uSbari,
Kumnyama akang'boni,
Wadons' ivolovolo,
Ngath' ngiyabaleka,
Wasinamathisel' eqolo,
Angikwaz okuningi okwenzeka emva kwalokho,

Kepha ngavuk' emashidini amhlophe,

Nembali ebomvu enhla kwesiqamelo sami,
Wayehlel' uNomusa eduze kwami,
Noma naye wayebhandishile emehlweni,
Wabe seyash' ukuthi ngaleyamini,
Naye wayeyobheka mina ezimpohlweni,
Ngebhadi wakhohlwa umakhalekhukhwini endlini,
Ubhuti wakhe wayeboleke indlu nentombi yakhe,
Ngoba kwakuwusuku lwe Valentine,
Ze bezithokozise njengezithandani.
UNomusa akaphindanga wabuya wazongibona emva kwalokho,

Namhlanje ngihleli ku esihlalweni sabangakwazi ukuhamba (wheel chair) ,
Ngisazicuphile ngokotini omhlophe nobomvu,
Esandleni ngiphethe imbali ebomvu yohlobo lwe Rozi.
Ngimlindile hleze engahle eqhamuke,
Phela namhlanje usuku lwezithandani.
Usuku Lwe VALENTINE.

Happy Valentine's Day

Ibhalwe USenzokhaya Umhayi

senzokhaya umhayi

# Ngaphambi Kokuba Ngihambe

Ngaphambi kokuba ngihambe

Ikhandlela seliphelile selisele ngentambo,
Ubumnya sekumandla kunokukhanya,
Umntanami sengimbona lufifi,
Njengemfinyezi elokoza ebumnyameni,
Izwi lakhe uma ekhala sengilizwa ngathi ukhula uphakathi ezihlahleni,
Ngimphumputhe ngimubambe isandlana,

Ngaphambi kokuthi ngihambe,
Ntandane yami wena wethumbu lami,
Zibulo lami elingumagcina wami,
Angikubheke ngamehlo ngikugcine,
Ngikuthole kulomhlaba waba wedwa kimi,
Ngakho ngakuthanda njengewele lami,
Ngakunisela njengembali yami,
Kepha manje amandla ayangiphelela,

Namhlanje ngifikelwa ukugedlezela kwezinyembezi,
Izinhlungu azinalo uzwelo nathi,
Ukugula sekuzitholele indawo emzimbeni wami,
Usizi lugifahlaza inhliziyo yami,
Lapho ngikubona ukuthi usathambile,
Awukakavuthwa ze uqine ngokwanele ukuba kulo mhlaba,
Umoya wami ugeleza awufiki ekugcineni,
Ngizibuze ngizolishiya nobani leli zinyane elisanuka umswane,
Nokho ngibone esikhulu isono lesi,
Sokushiya umphefumulo ongenalo icala,

Izwi lami awukalazi ngisho lijabule,
Ngikushushuzela ngokububula nokuquma ngenxa yezinhlungu neminjunju,
Zenyama nesidumbu esesihlabekile,
Angikakakuxoleli ngisho neyodwa indaba lena,
Angikakakukhiphi ngisho emnyango ze ngikukhombise ukuthi ilanga liphuma lishone ngaphi,
Kepha sengiyaphela ngingakakubonisi ngisho uyihlo ke,

Mntanami mhlampe ubuzoba usizo nje phambi kwami,
Kwazi bani ubuzokhula ube utho kimi,

Kepha mtanami akuhambeki ngikushiye emuva,
Njengomama onothando kuwe,
Ngizokutshatha ngihambe nawe,
Ze ngiphumule ngokuthula nawe kumele ngikuphumuze,
Ngaphambi kokuba ngihambe angikunqamule umphefumulo nawe ngane yami.

*Ngaphambi kokuba ngihambe*

senzokhaya umhayi

# Ngibhal' I Orbituary

Ngiqoph' I orbirtuary

Ngihleka nawe nsizwayakwethu,
Ngincokola nawe zakwethu,
Manje sesize saba nobudlelwane phakathi kwethu,
Yebo saficana khona lapha emhlabeni,
Sizophinde sishiyane khona lapha koshisayo,
Sizazoshiyana siye silibangise kobandayo,
Ubungani buzosala ephepheni,
Ngiqoph' I orbirtuary.

Umhlaba useyinkundla yeshashalazi okwamanje,
Ngisagcaluza ngigcwale isiganga,
Ungibheke ngamehlo akho engiwafanisa nesiqopha mbukiso,
Lisazoshona elingaliyo iphepha lidinga umlando wami,
Uze ungibhekisise kahle noma ngiganga,
Uze ubhale ngami ungawaqambi amanga,
Ngiqoph' i orbirtuary

Kunensizwa engingayazi ezodinga ukungazi,
Kunentomb engingazange ngayiqabuka ezolangazelela ukuzwa
amanqampuqhampu ngami,
Lapho uqephuza ngeziqephu zami,
Ugeqe amagula ungashiy' nambilisi,
Njengoba ngisekhona ungibhekisise,
Mthwebuli we orbirtuary yami,

Noma sengilele e mortuary uze uyibuyekeze,
Lendaba ngiyixoxa ngisaphila,
Lencwadi ngikufundela yona usangizwa,
Yidonse ngamakhala ihlale emqondweni wakho njengempepho,
Uyibheme ngamakhala akho njengesinemfu,
Ze uyithimule sengithule,
Le orbituary

Sizophela isiqephu salencwadi yami,
Itshe lizobhalwa phezu kwencwaba lami,
Njengoqwebhe lwencwadi encwele,
Lize libe nesiphambano negama lami,

# Ngicela Uxolo

Ngicela ningixolele

Ngikhanyisa isiphefu nginimemela oPhathe,
Nginindlalela isicephu ngicela nihlalisane,
Ngicela nivule izindlebe nize ningizwisise,
Lapho nginitshela ngalesi siqephu,
Ngizogeqa amagula nize nicije izindlebe ningilalelisise,
Angiqonde kuphula moya yenu,
Akunjongo yami ukuninyusel' imimoya,
Bamban' imimoya inganenyukeli,
Nginihlanzela iqiniso ngamathemb' okuba ngeke linenukele,
Ngizol' cel' uxolo uma nje ningiph' indlebe

Zolo lokhu ngiyaqonda besibodwe ngophin' olulodwa njengamanzi nempuphu,
Sishunqa uthando olunamaphupho amhlophe,
Njengentuthu eshunq' ebhodweni elibodwe layekwa ngenhlaza yophuthu,
Ngiyaz' izinhliziyo zenu zimhlophe zisaphuphuma uthando, Njengempophoma
enamanzi amtoti,
Ephuphuma ezintabeni ezijomba unqenqema loMvoti,
Noma lezi zindaba zizonehlaba enhlizweni njengameva omdolofiya,
Wona ahlaba ingan' encane ingone lutho,
Yebo nakimi kubuhlungu keph' indoda ayisikhihl' isililo sika Nandi Ingemfazi,
Hho hhe nize ningiphe uxolo

Besithandana kukuhle zintombi zami,
Namathemba ami benginikile wona,
Kanjalo nothando lwami kanye nentando yami,
Nganethembisa ukuba inina eniphethe ubambo lwami,
Ngathi omunye nomunye uye yedwa qwaba,
Nganqaba neqiniso lokuthi niyizi nqwaba nqwaba,
Lena manje sekuyinkilayitheka isiphenduke inqaba,
Ngizocela ukuhlehla sanyovana njenge nqama,
Sesiside isikhathi sinyathela  ndawonye singafiki kwandawo njenge nkukhu
engumnqunywa khanda,
Sengicel' uxolo ngiyehlika kulestimela,

Sengithol' umasihlekisan' umakitaz' uqobo lwakhe,
Ngithol' ingw' edle ngamabalaba,
Intokaz' emhloph' njengamatsh' ezulu,

Sengishayisane nomas'qabulan' umathamnandi uqobo lwakhe,
Sengilufumene ngalubhadama  ubambo lwam,
Lenyathuko ibibanz' ngiyaz' nani benikhona kulolu hambo lwami,
Dilikani manje zikheth' kungene okhethiweyo wami,
Hlehlani ngomoy' ogcwel' ningayiphakamis' imimoya,
Ngicel' uxolo kini nonke.

Nize ningazond' nize ningambekel' umeqo,
Sulani izinyembez' nithobise izinhliziyo,
Ningidilize emidlinzweni nasemicabangweni yezinqondo zenu,
Ze nilibale izithembiso zami, ,
Ngicela ningixolele

By S??z?k????  U????i, © 2013, All rights reserved.

senzokhaya umhayi

# Ngihambile Kakhulu

Ngihambile kakhulu

Ngilapha emhlabeni ngiyajubeleza,
Ngihamba nginqamula amazwe ngamajubane,
Sengihambile ngomqondo nangezinyawo zami,
Izindawo eziningi sengizinyathelile,
Okuningi ngamehlo sengikubonile,
Ukuhlupheka kwasemhlabeni ngikuhluphekile,
Injabulo yomhlaba ngiyibonile,
Izinsizi zomhlaba sengiyazazi,
Isililo somhlaba ngisikhihlile,
Sengihambile kakhulu

Kepha izinyawo zami ziyathuthumela,
Izindlela zami sengathi ziyafiphala,
Impilo sengathi ibukhali,
Nesihlangu sami asisekho bukhali,
Izikhali zami ziyephukela,
Ukhalo lwami emhlabeni lufinqiwe,
Kulomhlaba amehlo ami aseyaxhopheka,
Imithwalo yami isiyangisinda,
Nodondolo lwami selu ntekenteke,
Sengigaqe ngamadolo ngizeseka ngendololwane,
Akusanyatheleki umhlaba uyangihlaba,
Sengihambe kakhulu,

Ubungani ngikutshalile ensimini,
Izitha ngizivunile ensimini,
Isithandwa sami ngisithandile,
Abantwana ngibakhulisile
Ubuhlobo ngikukhuselile ngakuchelela,
Okomhlaba ngikwenzile,
Kepha ke seziya ngomutsha wendoda,
Isibongo sami ngizosishiya sizosala sibizwa,
Izingane zami ngizozishiya zizosala zikhula,
Bazokhala abangani nezihlobo,
Kepha mina ngizohamba nginenjabulo,

Ngizoyishiya imithwalo lena,

Buzosala ubucwebe lobu,
Buzophela ubumnandi lobu,
Bazosala abangani laba,
Ngizosala ngedwa ngibhekane nohambo lwami,
Ngizokhohlwa imiyalo yokuphila yasemhlabeni,
Ukholo lwami luye luzikhulumele,
Ngiye ngiyithabathe indlela yami,
Ngiwelele ngale kuleyondawo engenayo imithwalo,

Endaweni lapho ngophumula,
Noma isidumbu sami singasala siphumule lapha,
Umphefumulo wami uzohamba unokujabula,
Amanxeba ami azobhalwa ezandleni,
Izindlela zami zizongilandela,
Ukuphila kwami kuqale kubuyekezwe Nguye,
Ngizobe sengifikile emnqamulezweni,
Ngilinde ukuba angiwelise iJolidane,
Lapho sengihambile emazweni.

Ngizoma ngilinde igama lami ukuba Elibize,
Izwi Lakhe lizoba ukuphila kwami inguna phakade,
Uma lingabizwa ngizovuna engakutshala ensimini yasemhlabeni,
Ngizokhohlwa okwaleli zwe,
Ngizobe sengihambile kakhulu ngise Mazulwini,
Emhlabeni sengihambile kakhulu.

By S??z?k????  U????i, © 2013, All rights reserved.

senzokhaya umhayi

# Ngimbonile Ufikile Uhambile

Ngimbonil' ufikil' uhambile.

Uthando lungenzile,
Ngikhumbula lawo malanga ngisemncanyana,
Ngingakalwaz' uthando lomunt' emhlabeni,
Ngingakaze ngithande munt' ezweni,
Bengihlala nogogo emakhaya,
Impilo biyinhle ekuphileni ngalezonsuk'
Kepha namhlanj' izinto zijikile impil' ingishintshele,
Ngithath' uthando ngalufak' enhlizwiyweni,
Ngabek' ithemba lami kumuntu ngasondeza othi uyangithanda eduze kwami,
Ngamnikeza lonk' uthando ebenginalo empilweni,
Wangithembis wath akasoze wangishiya,
Wathe empilweni yakh' akekho omunye yim ithemba lakhe,
Impel' ithemb' alibulali,
Yebo ngimbonile ufikile phampi kwami,
Bese siside isikhathi ngimlindile,
Ngihlel' ngensizwa ngizongile,
Ngibheke phansi ngizothile,
Bengihlek' abangan' bam bethi ngishimile,
Bekufana nje nokuth' bebezishaya ngendlebe etsheni,
Ngibashay indiva ngazi kahle ukuthi ngilind' ithemba lami,
Bengaz' kahl' ukuthi liyez' ilanga lami,
Lapho nami ngizojabula ngibe nothandiweyo wami,
Bese kukade ngamngimlindile,
Ufikile ngimbonile kodw' usehambile,

Bese ngizitshelil ukuth sengimtholile,
Bese ngimkhethile sengith sengimzuzile kant' oyishayile akakayosi, noseyosile akakayidl' noseyidlil usedl' icala,
Icala lami ngiyasol ngisuk ngay' khulumel emlilweni,
Isono sami ngisheshe ngamfak' enhlizweyi,
Kant abafeth basazong' phuc iqath' emlonyeni,
Sengiphenduk' inhlekis' ebantwin,
Sengifana nohlany emphakathini,
Bayang'buz uphi lo bes'kbona nay' emqwaqeni,
Bayang'buz uphi lo obus'chomela ngay' izolo ephathini,
Izimpendolo zidl' ogageni,
Ekhanda lami kusadum' upotiyan'

Angimaz ushonephi,
Kodwa ngimbonil' ufikil' udlulile,

Yen' ufikile ngimbambile ngimthandile,
Naye ungitshelil ukuth ungthandile,
Kepha manje amath' am abuyel kwas'fumbu ngob' usengishiye,
Amathemba ayafiphala ngob' naye uvele waphelele emoyen' njengentuthu,
Vele abafeth' babeshilo bathi lo umlilo wamaphepha,
Bheka manje sengisele ngedw' estikini,
Kushuth ubeman' engimbambabula nje ngemfe ephindiwe,
Ushaye waphindelel enxebeni,
Washiy' isibazi engiyosbuk' inguna phakade,
Ubethe uzongithand kuze kube phakade kodwa usengishiyile,
Isifiso sami ukuthi lesibazi asishiyile kimi sivele siphenduk' uthando lwakhe,
Ngoba sona ngizos'hlala nas' inguna phakade,
Yena ngimbonil' ufikile uhambile,

Kube ukuphazima kweso nje ngifulathele,
Ngathi sengiphenduk' thandolwam' wawulana lutho sebelutsholile,
Abafethu sebemthathile,
Abalisa sebemebile,
Khala lila linda xola phola nhliziyo yami,
Ulale ngenxeba wehlise umoya,
Akukho soka ladla kahle izimbangi zikhala,
Ngizokhala zome,

Yebo zimzwil' izindle zami ufikile,
Izandla zami zimthintile,
Okuthokozise amehlo nje ukuthi ngimbonile,
Okukhalisi inhliziy' ukuthi usehambile,
Okubuhlung' ukuthi ukuthi usahlel emqondweni,
Kodwa okungikhalisay' ukuthi usedlulile kimi,
Namhlanje ngonakele ngaphakathi,
Ngimbonil' ufikil' usehambile.

USenzokhaya Umhayi.

senzokhaya umhayi

# Ngisenguye Owakho

Mama ngisenguye owakho

Ngisakhasa ngingena ezintangeni,
Ungithatha ungibeka emathangeni,
Ungithulise ungixhume ebeleni,
Noma ngitetema ungishushuzele ungiqamelise emabeleni,
Noma sengilibele sengihlaselwe ubuthongo ngalala,
Ungithathe ungindlalelele ungilalise,
Ungihayele umlolozelo ngozele ngilale,
Mama wami ngisenguye owakho,

Nalapho sengidlodlobala sengiqala ukuqina,
Nemali yesondlo yaqala yakuqinela,
Wangihlalisa phansi wanginabela ngesimo,
Noma kwakunzima ngavula amehlo ngabona ngaqonda,
Namanje ngithi ungigezile inqondo,
Ngeke ngifane nendodana yolahleko,
Mama wami ngisenguye owakho,

Noma ngibe umthwalo emahlombe,
Ngakusinda nokuhlupheka kukugcwele izandla,
Kepha awuphelanga amandla,
Noma sengihlaselwa ukugula nezifo awuphelanga mdlandla,
Ube isibaya sami wangivikela kokubi,
Noma bezifik' izikhath' ezimbi awungilahlanga,
Namanje ngisaluzwa lolo thando lwakho,
Qhubeka ungayeki mama,
Ngisenguye owakho,

Noma sengiqinile manje,
Ngisabheka emuva ngikhumbule izinsuku zobungane,
Noma sengibuka ngawami amehlo manje,
Kepha ngisawudinga umbono wakho,
Noma sengithanda omunye wobulili obuthize,
Mama ngisaludinga uthando lwakho,
Mama ngisenguye owakho.

UYINDLOVUKAZI

# Ngivumele Ngihambe

Ngivumele ngihambe.

Emhlabeni ngifikile njengelanga,
Ngaliphila ixesha lami njengasekuseni kuya emini,
Kepha manje sekuyisikhathi sokuba ngiyosithela ezintabeni,
Usuku lwami seluphelile,
Amathunzi ayangixosha sekumele ngiyocambalala emahlabathini,
Nyezi wami lelizwe ngilishiya kuwe ukuba ulikhanyise ebumnyameni,
Mina sengizobona ngamehlo akho sibani sami,
Sala ungibekele kahle izulu lami,
Ungibekele iso emhlabeni,
Ungibhekele emathunzini nasemathafeni laph' ebengiphumula khona,
Dedel' isandla sami ngifulathele,

Ndlela zami zivuleka sengibona ngamehlo enqondo phambili,
Ngidondolozela ngidonsa kanzima,
Ngiphefumula ngephika sengibamba umoya wokugcina,
Ziphuma zizehlela ezihlathini ngingenamandla okuzesula,
Ngikubheka ukhala ungishushuzela njengomntwana ungeke usangibamba ungivimbe kulendlela,
Ungeke wangisiza uthanda ungathandi nakuwe sekuphele imizamo,
Ungibuka ngiphelela ezandleni zakho,
Ubona ngiqhaqhazela,
Sengakubuka ngakugqolozela,

Ngigodola ngigqokile,
Uhlavane lundlangile emzimbeni selwakhile,
Ngigedezela ngiquma ngibubula,
Ngichanyiswa ngiqukulwa ngitatanyiswa,
Endlini encane ngiphekezelwa ngixhakiwe,
Emtholampilo ngiyiswa ngigqutshwa sekwasala umndondo,
Ngitshathwa njengo godo,
Ogogo bephuma bengena bezongidungula,
Kudla ngifunzwa,
Mzimba ngigezwa,

Kubongwe ngivukile ekuseni ngalibona liphuma lishona,
Ngibanjwa ngibuthwa nezibi,
Ngigwiliza esizibeni ngingasenawo amandl' okubhukuda

Ngicwila ngishona phansi ngingeke ngazenyusa,
Sengibheka ngacwebile amehlo angakhali ngisho nonyembezi,
Ungibheka ububule uklinywe isibibithwane usidinde esikaNandi,
Ngikuthulise ngenhliziyo nangaphakathi,
Amandl' ami sekuphele nawokucwayiza,
Ngingeke ngakuthulisa ngomlomo,

Zingishaqa kabuhlungu izinhlungu,
Sebethandazela koPhezulu ukuba angethule lomthalo wezinhlungu,
Bemnxenxa ukuba ephethe indlela yami okungenani engithathe,
Uvumelana nabo ngekhanda,
Keph' ngenhliziy' uyenqaba,
Uthi asimcelele eliny' ithuba,
Mhlampe ubesengaphila,
Keph' uyayibon' inyan' iyaphika,
Inyama icubekile,
Namathambo asebuthakathaka,
Emzimbeni sengiphundlekile ngishayekile,
Sale usuvuma ukuthi sengithathekile,
Ngokuba nami sengivumile,
Kepha enhliziyweni yakho ngisabambekile,
Ngidedele ubavumele bengithandazele bengicelele ukuba ngijubalale,
Ngivumele ngilale,

Usenzokhaya umhayi

senzokhaya umhayi

# Ngiyakhala

Ngiyakhala

Ngikhala ngiyabalisa ngemini yalolasuku ungishiya,
Ngishaya umkhulululungwane njengomdlwane,
Ngikhuleka ubusuku nemini,
Imihla ngemihla angiliboni elenkululeko lapha kimi,
Sengifana nesiboshwa esigwetshwe esempilo etilogweni,
Sengilinde umushayi wecilongo,
Ngoba sengicinge imiqindo nemiqingo angilitholi isu nesixazululo,

Ngiyazinikela angeke ngisagadla,
Sengigadle sekwanele awunaneli,
Sengingaze ngidliwe ulwande njengezidwambi,
Angiqonde dlame kepha inhliziyo yami engihlakazayo ngaphakathi,
Iyangithakatha phela yona isena lowa mjovo,
Lowa mjovo wothando lwakho,
Usangitinyela njengo dosi lwezinyosi,
Sekuze kwaphela ngisho nembilisi,
Sengiyehluleka ukuzibamba nokuziba,

Sengigaqa ngamadolo ngikhumbula izolo,
Noma okwayizolo kungadleki,
Sengicela nje ungenze umfudumezo,
Ungifudumeze ungithakathe ngentando yakho,
Ubuyisele ukumomotheka ebusweni bami,
Ungifake indandatho yenjabulo emihleni yokuphila kwami.

By senzokhaya umhayi, © 2013, All rights reserved.

senzokhaya umhayi

# Ngiyilunga Lentsha Yase Ningizimu Afrikha

Ngiyilunga lomhlabathi emhlabeni waseNingizimu afrikha.
Ngingubuso obusha kulelizwe laseningizimu,
Ngizalwa okhokho abangasekho abafa bezabalazel' inkululeko yami,
Ngiyinzalo yenkululeko,
Ngifana namanzi amtoti omfula iBlood river wona asegeleza ngokuthula ngaphandle kwegazi,
Noma ngingayibonanga impi yesencome,
Kepha ngisabonga ngiyanconcoza ngenkululeko,
Ngiyilunga lentsha yaseNingizimu Afrikha,

Ngihlala phansi ngiqhoshe esidulini ngizithulele ngibheke uThukela, Luye lugobhoza ngesivinini liyothulula amanzi emlonyeni wolwandle,
Luye liyoxhawulana namagagasi amandla asolwandle,
Ngibheka imimoya ivunguza ize ishaye imizwilili ezintabeni zoKhahlamba drunkensburg,
Nesichotho esibanjwe ubuthongo emagqumeni asentsholanga koloni,
Ngibuka amagagasi ekhahlelana olwandle lwase Indian ocean,
Njengamafu amhlophe athembisa injabulo yesibhakabhaka,
Ngibuke izinyoni zijwibeka ziwela Umgeni River ziye ziyoshona zivula amaphiko entokozo,
Ngigxobe nginyathele ngithokoze ezihlabathini ze Kalahari Desert,
Njengomntwana osathambileyo osahlatshwa umhlabathi,
Ngishawe umoya omnandi opholile we Table mountain,
Ofana ncama shi nowasezihlabathin zase Wetland park,
Ngizizwe ngimusha njenge langa lasekuseni,
Ngiyilunga lentsha yaseningizimu afrikha,

Yebo ngiseyiyo inzalo yesizwe seNkosi uShaka,
Ngiyisizukulwane sabo omama ababeyigxob' e Unions Building ngo 1956,
Kuseyibo abafowethu laba abafela ibantu education,
Odadewethu yibo laba abasishiya nge Soweto uprising,
Ngiyisizukulwane samasosha oMkhonto wesizwe,
Ngiyisizwe ngingubuso obusha baseningizimu afrikha,

Namuhlanje ngikhululekile futhi ngiyaziqhenya ngomzansi,
Inkululeko yami iningi iphahlwe ngentando yeningi,
Ayifani neNdlovu yona ebhongela emswaneni,
Ifana nobukhosi beBhubesi lona inkosi yamakhosi emkhosini wasendle,
Ngiyifisela ubude obude lenkululeko njengendlulamithi yona edla esichongweni

sesihlahla uMkhanyakude,
Bathi inkunzi isematholeni, Njengoba sesiyitholile lenkululeko thina njengentsha asiyicije njengophondo luka Bhejane,
Izwe lethu libe lihle njengamabalabala engwe wona aphahlwe ngokusagolide,
Sime ndawonye siqine njengesiphongo senyathi,
Sizinqenye sentshise imiklazo yenkululeko njengamathole asanda kuqala ukudla utshani,
Siyintsha enstha yasengizimu afrikha,

Asibambaneni ngezandla siqinisane njengonoxhaka,
Sixhakane sibonisane sibhekisane,
Asihlanganeni bant' abasha,
Ngiyaziqhenya ngobuntu bami.
Namhlanj' ngikusho kugcwale umlomo ukuth'
Ngiyilunga lentsha yaseNingizimu Afrikha

senzokhaya umhayi

# Ngiyindodana Yakwa Zulu

Ngiphume amehlo asebuthuntu,
Bekusanenkungu ilanga lingakaphumi,
Ngibhule amazolo kusaheleza imimoya ehlanzekile,
Ngaye ngalunguza ngapheseya kwezintaba,
Ngalanda injabulo yezinyoni ezintathatha,
Zihlabelela ngemilozi zikhwezel' uhlonze,
Ngabhek' emasimini kwavuleka amathemba,
Umbila ukhahlele sizodla kahle ngoZibandlela,
Abadala bayivulil' indlela bawuzwil umyalezo wamakhandlela,
NgingowakwaZulu mina ngiphila nabezizwe,

Ezweni ngimuncinyane njengendodana engumagcina kwayo,
Ngiyalelwe indlela ngatshelwa ngezindlela zokuphila,
Nganikezwa isihlangu semfundo kwathiwa angisifumbathis' okwezikhali zamaTungwa,
Ngiyoshaya ngaso kwenzeke imilingo njengenduku kaMozisi,
Nalapho ngishaya zephukela base bethi angiyophatha ibhayibheli,
Uma zingibopha izinkinga zakwamhlaba ngizobe sengibheyilela umphefumulo ngomthandazo,
Ngiyindodana kamama ngivela kwaZulu mina ngiphila nabezizwe,

Ngimuncinyane ngingangohlamvu lomhlabathi emhlabeni,
Ngiyisithombe esinyakazayo sikhulume siphefumule,
Ngihlanganiswe ngamathambo nenyama nomphefumulo,
Suku nosuku ngibona okuhle nokubi,
Ngifunda mihla namalanga okusha,
Ngiyakhula ngyaluleka ngibe mude,
Ngizalwe ngingakwazi okuningi,
Ngaqala ngakhasa ngasukuma ngacathuza,
Namhlanje ngiyahamba futhi ngiyakhuluma,
Nyaka nonyaka ngiba mdala ngonyak' owodwa,
Emuva bekukuhle ngisaphathwa,
Nginceliswa ngigezwa ngigqokiswa,
Emlonyeni ngimumath' inkohliso,
Namhlanje konke lokho sekwaba inganekwane yobungane,

Ngikhulile ngomqondo ngethambo ngaluleka,
Bengiyichwane lesikhukhukazi ebesingiphandela,
Saye sakhathala kwaphoq' ukuba angivule amazipho,

Ngithath' ihalavu ngilihlom' ehlombe ngihlasel' ensimini ngiyohlonz' okuya ngasethunjini,
Nakhona liyashon' ihalav' umanz' umhlabathi,
Emuva balindele ukuba iyaphel' inyang' ephezulu,
Ubhut' uzodilika namancamnce ezoxosh' ikat' eziko,
Ngibambelel' esihlagwini sami ngiyofa naso,
Njengente ephundlwa isomiso ifele othini,
Ke mina ngiyofika ngithini ekhaya,
Bangilindile ngamehl' abomvu,
Botha umlilo baz' ukuthi ngiza nebhodw' elicons' amafutha,
Ngizoba nabo langa linye,
Ngizobaxoxela ngezamaNgisi naMabhunu,
Ngiyindodana yakwaNdlela zimhlophe KaMalandeka,
NgingowakwaZulu kaMageba,

Ngokwenzeka kwezinto hleze ngigcine ngingabuyanga,
Uma kwenzek' umhlaba ungimumatha ungenza mathamb' amhlophe,
Ngiyokubavakashela ngamaphupho bonke ngozalo lwakithi,
Ezindleleni abahamba kuzo ngiyokuba ibika,
Ngiyokuba imbilisi yesiqatha emvubelweni yegumulo likagogo,
Ngiyoba inziki kumancishana onesitshodo abayosiphuza ngomholo wezalukazi,
Ngiyoshuqa emalahleni amantshontsho azobe eshiswa,
Ngibe umlotha abayowulahla emva kwendlu kaguqa sithandaze,
Lapho bephahl' ngelotha bayongibutha nomhlabathi nami,
Ngiye ngiyohlala kahle emsamo wakithi,
Ngiyokuba idlozi,
Ngiyindodana yaKwaZulu ngiphila nabezizwe.

USenzokhaya Umhayi.

senzokhaya umhayi

# Ngizokulinda Ubuye

Ngizokulinda ubuye

Ngifona ngisemafonini ezitolo lapha engangivame ukukufonela khona uma ngisuka eskoleni,
Ngifona ngeshumi lami lokugcina,
Benginethemba lokuthi uzotholakala,
Kepha ngenxa yezizathu zomhlaba awukho emoyeni,
Phela kimi awukasuki emqondweni,
Nasemazweni lapha okhona ngiyethemba awukhohliwe imina,
Sekuhambe izinsuku ngingakuboni,
Kuphele iminyaka manje ungaveli,
Kepha ngizokulinda ubuye,

Ngimile ngedwa ekhoneni lapha esasibloma khona,
Ngiphethe lesiya sithombe esasisishuthe khona,
Ngiyabona sasibahle lapha sifanelene,
Nawe wawumomotheka kuze kwavela nezifaca,
Azange ngacabange ukuth ngelinye ilanga ngizoke ngime ngedwa lapha,

Impilo ikuthathe eduze kwami yayokubeka ekudeni,
Imfundo ikususe phambi kwamehlo ami yayokubeka le edolobheni,
Ukude manje usemazweni angikwazi ukufika lapho,
Usekugudleni kolwandle manje ugezwa amagagazi,
Mina ngisele sengiphenduke ujika nelanga,
Uhambile ukude nami,
Ngizokulinda uze ubuye,

Noma ngabe uzobuya eminyakeni eyishumi ezayo,
Uze ufike ungibone,
Uma kwenzeka usufica sengaba mathambo amhlophe,
Uze ufike ucele ekhaya bekuphosise itshe,
Ngizokulinda ngifile nomphefumulo ngaphandle kweliba lami,
Ngizokulinda ngiphila nezinyembezi emehlweni ami,
Uzoze ubuyo uzongikhulula emihleni yami,
Ngikulinda uze ubuye,

Ngisho ngabe usemajukujukwini omhlaba,
Usuhambe izwe wabona izicukuthwane zomhlaba,
Wabona ubuhle bezwe okungaphezulu kothando lwami,

Mina ngiyofana netshe ngizohlala lapha owangishiya khona,
Uzoze ubuye ngiguqile ngedolo,
Ngizokulinda uze ubuye ekhaya.

USenzokhaya Umhayi

senzokhaya umhayi

# Ntokazi Yakwazulu

Ntokazi yakwazulu

Angizidele amathambo ngithathe lelithuba,
Ngicele izwi kuMdali ngihaye nganasi isimomondiya,
Esihle esisho ngezinwele ezingathi ezasendiya,
Umadlula uphenduke, uzwi limzwilili,
Ubuhle bendalo naye ebe wadalwa wabekwa emazweni nguMdali.

Ngisho intombi yakwaZulu,

Smomondiya sakwaZulu,
Wena muntu wasemazweni,
Ezigodini zakwa Zulu lena komama ongemama,
Kamhlaba uyalingana lena kwandaba zabantu,
Ngisho wena nduku enhle egawulwa ngamazw' amnandi,
Wena manzam' toti angaphuzwa izishimane,
Nami nje sengizidel' amathambo ngath' angithath' ithami nje libe linye
Ngike zidelis' ngalomoya oshaya lapha eduze kwakho,
Yima phela ntombi  musa ukubaleka,
Ngizothi thansi nje ngamazwi ambalwa,

Sengikubhekabheke izikhathi ezimbalwa engingathi uma ngizibala ngingaze ngiphelelwe iminwe,
Ngithe ngisakubhekile ngaye ngahlaselwa nawudlame lokubalekelwa amagama,
Ngithe uma ngithumela amehlo ami  kulesisidumbu sakho ngashaywa uvalo,
Ngabhaklazwa inzululwane ngabona amalulwane emini ilanga libalele,
Sengibaleke ngath galo yephuka sengikhathele izinsizi zobushimane,
Ngincede muntuza ngikuthathe siye kwelakithi kankomo kayixoshwa zibe ziningi ziswel' abelusi.

Sengilinde iminyaka nezinyanga nezinsuku ngishaya lesisithingithingi,
Izitimela zima zidlula zigcwala phambi kwahlo ami,
Amathemba ami asehleli lapho emahlombe akho,
Sengingasho nje ngamafuphi ngithi ulithemba lami,
Mbali yami enhle,
Muthunzi wami wokuphumula,
Bambo lwami,
Nduku yami enhle yakwazulu ezizweni,
Ntokazi yomzulu,

Yazi uma ngikubheka umile umomotheka,
Ngizwa ngivukelwa amadlingosi kuze kuthi angithi azibuyele emasisweni sidle ngoludala,
Kuye kuthi angikuthwale siduke nezwe,
Angikaze ngibe sepharadise futh angikaze ngidize,
Kodwa nje ngizibona ngindiza nawe siya epharadise,
Ngize ngifise nje ukuth siqale phansi impilo,
Wena ube u Eva mina ngibe uDamu ensimini yase Edeni,
Sihlale sobabili sidlale ezihlahleni sikudele okomhlaba nezinsizi zakuli elikaMthaniya,
Ntokazi yomzulu,

Nasekhaya impela bengathokoza,
Sebebona indodana yolahleko ibuya isilutholile ubambo lwayo,
Bamba isandla sami ngike ngizwe ubunofonofo baleso sandla,
Woza siye laphayana eshashalazini udanse nami,
Ngibheke emehlweni ami ungitshele nje amagama amnandi,
Hlala lapha eduze kwami ulamele esifubeni sami,
Ulalel' ukubalisa kwenhliziyo yami
Awu kodwa mntanomuntu ungenzani,
Wangithatha la wangibeka lana wangisusa lana wangibeka lana,
Aw kodwa ntokazi yakwa Zulu.

Nakhona kwaZulu impela sebezolala ngenxeba oZulumama,
Impela ngiyakweba mbali enhle,
Ngiyohlobisa ngawe le kaMhlaba uhlosile,
Nginezinhloso ngawe mina ngihlabahlosile angihlosile ukudlala ngawe,
Ngithi ngiyakuthatha sisi Ndihamba nawe,
Bamba nasi isandla sami sijubalale njengezinyoni zezulu,
Asinyamalale sihambe siyokwakha elethu izulu,
Ntokazi yakwaZulu

Mina nawe sizophelela ekupheleni komhlaba ntombi yakwaZulu.
Awethu amathemba azosala esibhakabhakeni,
Azohlotshiswa ngezinkanyezi zezulu,
Zinde nalezo zindlela engazihamba ngiya kwaZulu.
Mathe amnandi masiqabulane,
Ndebe zimandi zingiconcis' amathe,
Ze kuthi angikubambe khona laph' esindlangalaleni ngithi nje manqa,
Mlomo mnandi othetha amagama amnandi,
Akitaz' imizwa yami ngigcine sengiphimisa sengithi ngiyakuthanda ntokazi.

# Okuhle

Okuhle kusehlele emihleni yokuthandana kwethu,
Endleleni sisahamba ngezinyathelo zemizwa yemizwa yethu,
Okuhle ukuthi kufike esami isandla sisabambe esakho,
Abanye bebefisa nabo ukubambana ngezandla kepha baye badedelana,
Lolusuku lufika kanye ngonyaka njengelanga elidlula kanye ngosuku,
Asibheke okuhle ngaphandle kokubekelana imibandela,

Ngisacela sivale emnyango,
Sivalelane kwelilodwa igumbi lemicabango,
Sichanase ezweni lentshisakalo yokuthakaselana,
Sinamathelane njengama mathe nolimi,
Sikhohlwe okubi osekwadlula,
Singathekise okuhle esikufisa emaphusheni,
Uthandolwethu siluphahleke ngezinhle izifiso,

Size siguqe ngamadolo sicele izibusiso,
Kphezulu owasibusisa,
Ukuba aqhubeke asibusise,
Esibonise emaphutheni ethu lapho siqhuzuka,
Esiphephise emoyeni yezinxabano zokungaboni ngaso linye,
Esiphephise ezilingweni zokujolelana nomakhwapheni,
Esiqhelelanise esihogweni somama abanoshukela,
Esivikele ezivunguvungwi zobaba abanoshukela,
Asilondoloze sihlale ndawonye ebuhleni nasebubini,
Esigcine ekukhanyeni nasebumnyameni,
Esithwale ekuhluphekeni nasebunzimeni,

Uthando lwethu luphile nasemajukujwini okuhlukana komhlaba ngebanga,
Lushise ekubandeni komoya wamakhaza,
Lubande ekushiseni kwelanga lase hlobo,
Luhlume ngisho ezihlabathini zogwadule,
Luqine ngisho eziphepheni zomoya kaDomoyi,

Lolu thando lube isikhondlakhondla sindizele phezulu njengo khozi,

Happy Valentine
USenzokhaya

# Sithandwa Sami Sokuqala

Sthandwa sami sokuqala

Phambi kwesiphambano seliba lakho ngiguqile,
Inhliziyo yami izokwelila nami njengoba nami ngizilile,
Amehlo ami azokwekhala nami njengoba nami ngilila,
Ngiph' indleb' ngikubhalele nayi nkondlo,
Njengoba wangishiy' emhlabeni.

Kwathi lapho ngiqala nje ngizu thando,
Wabu usungishiy emhlabeni,
Wangizwis' ubumnandi bothand' empilweni,
Sengith' ngiyaqala ukunambitha,
Wabu suyash' umthombo,
Wavel' wanyamalal' esikhaleni,
Wahamb' ungasashongo sithandwa sami,
Wangishiya ngingenaban' othandweni,
Ngizomtholaph' oyofana nawe,
Njengoba nawe ubunguzinyobulala,
Othandwe ilenhliziyo yami,
Kepha wena usungishiyile,
Bekuth laph' umi phambi kwami,
Ufane nesibuk' esileth' ithemb' ekuphileni kwami,
Ngith' mangizibhek' emehlweni akho,
Ngisibon' isizath sokuphila kwami emhlabeni,
Ubuyisizathu sokujabula emihleni yokuphila kwami,
Bengigeza ngibe muhle ekuseni,
Ngazi kahle ukuthi lizothi laphakama emini,
Ngiyobe sengikubonile phambi kwami,

Kepha namhlanje seliyoshona ilanga ezintabeni,
Sengisele ngedwa esithubeni,
Ngihamba ngiwa ngivuk' emagqumeni,
Ngikubheka ngikucinga emakhoneni,
Ngiphuma ngizula ngijubeleza emgwaqweni,
Lutho angikutholi emhlabeni,
Namhlanje ngisele ngingendw' ezweni,
Nginqamul' amahlath' emazweni,
Ithemba lami lindizile laya kowabadala,
Umdlandla usungiphelele nasemandleni,

Kuthi angihambe ngivele ngiyozilahla emhosheni,

Uthando lwethu luhambile layogeleza ezihosheni,
Ngibuk' amanzi egelez emfuleni,
Ngith' mhlampe ngizokubona umile,
Kant cha uhambe ngampel' emhlabeni.
Ngiyathemba ngizokuthola naphezulu emazulwini,
Ngivuke ngikubheke nasemaphusheni,
Ngikuphuphuthe emashidini,
Lutho awukho embhedeni,
Zibuyi insizi zasekuphileni,
Zokuthi wena awusekho emhlabeni,
Kushuth mina sengisele angisenay' ozokwelamel' esifubeni,
Akasekh' ozohlal' enhlizwiyeni,
Esami isithandwa sokuqala sibajulele,
Uthando lwami lunyamalele,
Angisenay' umthulisi wenhliziyo yami,
Akasekh' umduduz' womoya wami,
Usuyohamba kahle uye kwabadala,
Sesiyobonan phezulu kwelizayo,

Namhlanje ngizobambelelaphi,
Ngizokhalela kubani manje,
Ngizomemeza bani kuvume bani na,
Uban ozongengama
Uban' osezongibambel' isibani na,
Ngizothanda ban' ebuhleni nasebubini,
Uban' osezothembela kim nam ngithembele kuyeni,
Ngizoqala ngibhekeph ze ngimthole,
Njengoba naw ubungowok' qala empilweni yami,

Manje ngiyasaba okungehlele,
Mengikacbanga kudabuk' inhliziyo,
Ngith' ngiyaziqinisa kufiphale amehlo,
Namhlanje kwamin' sengifana nofileyo,
Kwamin' angisenal' ithemb' lokuphil' emhlabeni,
Ebengiphila naye ungidukele,
Obemuhle emehlwen' ami unyamalele,
Amathemba afiphele,
Ngizolitholaph eliny ithemba lam njengoba naw ubungelokuqala,

Besidlala sikhohlisana sobabili,

Emaphusheni besizophumelela sobabili,
Aphelile amaphupho okuthi uzoba umama ngibe ubaba,
Angisakufakanga nanendandatho emnweni,
Ukufa kungihlwithile ngingakakadeli,
Kuningi ebesingakakunaneli,
Nenhliziyo yam ibingakadeli,
Kepha ngokoMdali okwethu bese kwenele,
Yize mina bengingakadeli,

Pho mina ngizokufanisa nobani njengoba wena ubungowuqala,
Amehlo ami angek' akwaz ukudlulisa isithombe sakho,
Inqondo yami soze yakwazi ukudiliza inkumbulo yakho,
Ke nenhliziyo ayisoze yaxola,
Kwamina angisoze ngamthola,
Oyofana nawe,

Naphambili angithembi uzomthola oyofana nami,
Njengoba ngimile laph' elibeni lakho,
Ngiyethemba ukhona kuzi zinkanyez eziphahl' esibhakabhakeni,
Nginethemba futhi nenkondl uyayizwa laph' okhona,
Akekho omunye ebengizombhalela yona,
Ngoba wena ubungowokuqala nowokugcina kweyam' inhliziyo,
Ntomb yam yokuqala.

senzokhaya umhayi

# Thando Unjani

Thando unjani.

Ukube uthando lunjengempahla,
Bekuzothi lapho sesihlukene nobethandwe inhiziyo,
Luvele nalo luguge lufane nesidwedwe,
Bengizolihlubula ngilidabule,
Bese ngiyolishisa elangabini elikhulu lomlilo,
Bese mina ngisala ngimsula,
Kazi thando wawakhiwe ngahlobo luni lwensimbi,
Kulukhuni ukukugoba,
Cha ungigobile uyinqobile imizwa nenhliziyo yami uyiqobile,
Nanamhlanje ngimanxebanxeba kodwa usangidikadika,
Ungilimazile kodwa ngisakudinga,
Kazi unandiswe ngaluphi uhlobo lwesithako,
Angineli angideli ngisho sengilimele ngisakunanela,
Thando kanti unjani?

USenzokhaya umhayi

senzokhaya umhayi

## Thela Umusa

Nkosi sikhuleka kuwe ngomthandazo,
Siguqe ngamadolo sahlanganis' izandla savala amehlo sabheka phezulu,
Izinyembezi ziyahlengezela ngenxa yokuhlupheka esikubonayo,
Sindlala lomthandazo phambi kobuso bethu,
Siyizimbongi siwuthumela kuwe,
Nkosi iba nathi kuze kube sekupheleni,

Thelu musa nkos' ujesu thelu musa
Naba bantwana bakho ngiyababona balel' emgwaqeni,
Naz' ingane zakho zilal' phans' emabrigin,
Naba bembeth' amakhathoni,
Emini bebecel' ushintsh' edolobheni,
Baphush' inqola ezitolo,
Bagad' izimoto emapak'
Ekugcinen kosuku ilanga liyashona bengatholanga ngish' ingogo,
Usuku luyaphel' abadlile abakutholang okuy' ethunjin okok'bamb' umoya,
Nkos' thel' umusa uxolele laph' abone khona,
Uthethelele izono namacala abo,
Udedel' injabulo nempumelelo ezindleleni abanyathela kuzo,
Thel' umusa Mdali wezulu,
Ngiyimbongi yomzulu ngilethu usiz' engilibona phansi koMthunzi welanga,

Siyafa siyaphel' isizwe sakho,
Izolo bengifihl' ugogo,
Namhlanje ngifihl' ubhut' omncan' ongelamayo,
Kusasa ngobe ngifihl' umama kanti mina ngizoncwatshwa ubani na?
Nalombulalazw' udlangile ugwaz' ugwazile,
Ugadl' ugadlile,
Ugawula komncane ugawule kosakhula kant' uqale wathatha omdala,
Ubaba umama nogogo sekumthathile,
Intandane esele ngemuva nayo futhi isiyagula,
Imizi yabanumzane ivalwe ngamahlahla,
Sekwasala amanxiwa namaxhiba akakwe amaliba.
Sishaya imilolozelo yesililo sikaNandi,
Siphuz' amanzi kaNala,
Imitholampilo igcwele iyaphuphuma,
Izibhedlela zigcwele ziyaqhuma,
isizwe siphila ngamaphilisi ikhambi lokulapha liphilise liyaphik' ukusiqeda
lesiqedazwe esesival' imizi ngehlahla,

Odokodela sebephithane amakhanda,
Isandulela ngculaza siyaziphihlizela siqoba siyavungula,
Mihla namalanga kukhon' oyedwa weth uzoshiy' inyama,
Umhlab' uphelile sekukade sigcwaba,
Isizwe siphelile ngisicelela kuwe Ngonyama yeZulu sihlenge,
Ngiyimbongi yomzulu ngikhuleka kuwe ngomthandazo ngileth' ukukhala kwesizwe,
Thelu musa Nkosi yaseMazululwini
Nalapha engingasafikanga khona Nkosi Jesu thelu musa, uSenzokhaya

senzokhaya umhayi

# Thula Moya Wami

Khala Nhliziyo yami uzithulise,
Akusasizi ukukhala ngoba usethule,
Soze kwanginceda ukuqandula ngoba isidumbu sakhe sesiphumule,
Nomphefumulo wakhe usuphumile,
Yena owakithi usenyukele phezulu ku Mdali,
Phinde ngidlale naye,
Asoze ngambona ngamehlo enyama futhi,
Inyama yakhe angisophinde ngiyibone inyakaza futhi,
Noma amehlo ami engakhala igazi,
Akasoze wabuya,
Ngisho nembali iyabuna
Thula moya wami thula,

Izindlela zakhe bese zifike ekugcineni emphelandaba,
Isiqephu sakhe bese sifike esiphethweni,
Saye sagoqwa saphelela phambi kwamehlo ethu,
Noma izindlebe zami bezisalangazelela ukunambitha izwi lakhe,
Noma izinyawo zami bezisafisa ukunyathela naye izindlela ezininingi,
Mlomo wami bambelela ngezansi wehle ngobonda njengesicabucabu,
Yize busafuna uku qephuqephuza naye ngempilo yomhlaba,
Zandla zami ngiyanigeza asophinde nimunxawule futhi,
Mzimba wami lala ngenxeba awusophinde umengame futhi,
Mehlo ami ngicela nimubuke nimubhekisise,
Lapho nimubona okokugcina nimgcina,
Lapho abafowethu bemgcina endlini yakhe yokugcina,
Lapho ingane yakwethu ibeletha embelekweni yayo yokugcina,
Usehambile izinhloso zakhe seziphethiwe,
Thula moya wami mukhulule ahambe

Impela kugawuleke igatsha ebelisathi liyathela nje,
Lapha bekuseyimbalana ebisathi iyaqhakaza nje,
Nezinyosi bezingakaqali ukuzokwenana isikhutha nje,
Lapha bekusenamaphupho empumelelo ebesathi ayaqala ayafezeka,
Besise NgamPhuphu asakhula esidlekeni sikamama wethu,
Naye owasishiya sisanuka umswane walibangisa kwelamathongo,
Nawe ngane yakwethu usuyamulandela pho,
Manje sengisele ngiwuswana olulodwana nje,
Isingishiyile  ingane yakwethu kuwukuphela kwayo,
Yehla zinyembezi zami ngikwesule,

Ngimubone okokugcina ngimgcine,
Thula moya wami thula

Inhliziyo yami igongobele ngaphakathi kwami,
Izinyembezi zami ziyageleza njengamanzi amdaka,
Amehlo ami omele ubhici njesihlahla esikhala inomfi,
Amanzi amnyama akhukhule kwezwakala,
Ithunzi elimnyama lingigubazele ngasal' ehlane,
Ilanga lingishonele ezintabeni,
Ngasala ngedwana njengomtshingo owephukile,
Imvu ebengiluswe nayo ihlatshiwe,
Thula moya wami thula

Noma ngiwezwa amazwi endunduzo ezihlotsheni nakubo abangani,
Noma bengithumelele imiyalezo yokuma isibindi,
Kepha ngisakhihla isililo namanje,
Ngibuka igodi esebembele lona okuyilona elizofumbatha inyama namathambo akhe inguna phakade,
Ngiyalibuka ibhokisi lehla kancane kancane lingena emhlabathini lingesenakuvuleka ngimbone okokugcina,,
Lehla njengezinyembezi zami ezihlathini,
Ngiyamuzwa umfundisi esho uthuli othulini,
Ethi sinjengamanzi achithiweyo angasenakubuthwa,
Impela ziyazehlela izinyembezi zami,
Thula moya wami thula

Naba sebeletha ifosholo eligcwele umhlabathi phambi kwami,
Aphinde umfundisi uthuli othulini,
Umlotha emlotheni,
Lapha ngicaphune izinhlamvu zomhlabathi ngazefumbatha ngesandla sami sokudla,
Ze ngimuvalelise ngimembathise ngalo,
Lona lelihlabathi elizoba ingubo yomzimba wakhe inguna phakade.

Ngalo ngithi hamba kahle ngane yakwethu,
Sisele ngemuva nathi asikwazi lapho okhona,
Kepha sinamathemba okuthi uzohlala kahle,
Nathi siyeza lapho sisezithendeni zakho,
Uze wazi ukuthi uzohlala usentendeni yezinhliziyo zethu,
Imilando yakho izohlala isebhukwini yemicabango yethu nsuku zonke,
Asethembe ukuthi uyasizwa lapho okhona,
Ndlelanhle noma singakwenzelanga umphako wendlela kusenesikhathi,

Thula moya wami thula

Akekho obelwazi lolusuku,
Kepha thina esisasele asibheke ophezulu sibonge ukuthi sisaphila,
Nathi luyeza olwethu olungaziwa.
Sonke siyalandela kuleyo ndlela.
Thula moya wami thula.

'Rest In Peace to everyone  that we've lost along the journey of life'

senzokhaya umhayi

# Ubadla Skuni

UBADLA SKUNI

Nsizwa yakithi uthi uliqhawe,
Uthi uyindoda uze uzishaya isifuba ngawe,
Nabangani bakho uthi bayaziqhenya ngawe,
Uze uthi akekho ofana nawe,
Ngith izozika lenqanawe,
Othi uthembele kuyona kanti yona ayethembele kuwena,
Ubadla skuni.

Usibukela phansi thina, uthi sihambela emhlabathini,
Nawe uzowa phansi isemhlabeni lapha,
Abaziyo bathi lomhlaba uyahlaba,
Usubahlabile abaningi basemhlabathini kuyimanje,
Ubadla skuni.

Lomthwalo owuphethe uzokusinda njengoZahara,
Uloliwe uzokududula udidizele uwe udindibale,
Uhubhana notalagu lento yahlula okhokho bakho,
Uzitika ngoshukela nje uyawabolis' amazinyo,
Uzosala ngolimi ufane nalaba asebephila ngetiye,
Abaliphunga ekuseni nantambama baphumula emini,
Ubadla skuni.

Uhamba ubutha zonke izibi,
Ungumlimi  otshala ensimini enkulu evundile ejike unganiseli,
Eshiye imbewu engenamniseli,
Ihlume imbewu ithele izithelo ezibolile,
Osisi ubashiya bebonile,
Izinyembezi zabo zilokhu zehlile,
Lapho usudlulile usuhamba nabanye,
Ubadla skuni.

Impilo yakho uyiphethe ngesaka,
Bathi abafethu besakhanda ufike ubhidlize,
Ikusasa lodadewethu ufike ulidilize,
Ubafuthe izisu uzishiya zigcwele amathambo,
Ubaleke ujike ungabaniki uthando,
Ubashiye nomthwalo wansondo,

Ujubalale unyamalale besale bemelwe inqondo,
Izalwe ingane ayinababa ozoyinika uthando.
Ubadla skuni.

Ubashiya nempilo inzima,
Kepha isono sakho ezulwin sikhulu,
Noma ungaba nezintombi ezingamakhulu,
Noma ungabashiya nezisu ezinkulu,
Lemithwalo yabo izoba intshe emahlombe akho,
Kodwa mfethu uthi uyiqhawe
Ubadla skuni..

By senzokhaya, © 2013, All rights reserved.

senzokhaya umhayi

# Umhayele Izinkondlo Ezimnandi

Uze umhayel' izinkondl' ezimnandi

Kowethu umhlaba thina simazi njengembongi,
Ubehlala ebhala njalo ehay' inkondlo,
Ubumthola ekhoneni ehleli nephepha nepeni ebheke phansi,
Ebhala inkondlo engaconsi phansi,
Ubengafuni ukukhulunyiswa nokuphazanyiswa laph' eloba,
Ehlezi engamathe nolimi nephepha,
Yena nosiba bekuyizithupha ziy' ogwayini,
Uma engabhali uzomthol' ezivele emahontshini,
Ehaya inkondlo yakhe yothando,
Ekhuluma ngengelosi yothando nobuhle bendalo,
Okanye ekhuluma ngomhlaba nokugcola kwawo,
Ubebhala kamnandi ehaya kamnandi nabantu bemthanda,
Bezithamela izinkondlo zakhe,
Bemlalela laph' ehaya,
Abanye bebekhala laph' ehay' inkondl' ethi sithandwa sami,
Lapha akhona mhlampe namanj' uyahaya,
Mengahayi ngicel' ingelos' yezul' ize imhayel' inkondl' ezimnandi,

Ubethi laph' ezohaya eqale ngomthandazo,
Ethi Nkosi sikhuleka kuwe ngomthandazo,
Siguqe ngamadolo sahlanganis' izandla sabheka phezulu,
'Izinyembezi ziyahlengezela ngenxa yokuhlupheka esikubonayo,
Sindlala lomthandazo phambi kobuso bethu siyizimbongi siwuthumela kuwe,
Nkosi ibanathi kuze kube sekupheleni, '
Egqoki isiphamban' esakhiwe sabazwa ngogodo,
Sabiyelwa ngobuhlalo obumnyama nobunsundu,
Ebhala ngolimi lwesiZulu,
Ezithanda ezamaciko ewahlonipha namasiko abansundu,
Elandlela ophezulu weZulu,
Nabaphansi ubengababukeli phansi,
Ngob' uMdali ubembeka phambil' ehlabela namadlozi,
Ezinkondlweni ngiyamcelela ukuba eyoba idlozi,
Ezulwini ngiyamcelele bawo umenz' ingelosi,
Nkosi ephezulu ngikyakucel' uze umcelele izingelosi,
Kuba zimhayel' inkondl' ezimnandi,

Bengithanda ukumlalela,

Njalo mengimbone endlelen bengimcel' ukuth' engihayel' inkondlo,
Sihlale phansi kwesihlahla ngimunanele,
Lapho eqala eyikha phezulu ehla nayo ngezigaba zamabinza,
Efanisa engathekisa edlalis' izaga nezisho,
Ephicaphic' impilo ngeciko,
Ejula ngothando ethinta emanonini,
Ekhumbuza abafelokazi ngabayeni babo abaswelekile,
Eduduz' abalahlabekile,
Ekhuthaz' abalahl' ithemba,
Ekhale njalo ngokufa nangezifo zomhlaba,
Ehlaba egxeka ehlikiz' ukungahloniphi ngontanga,
Namhlanje izwe ulishiyile,
Izulu limthathile,
Ngiyakucela Nkosi uz' umcelel' bemhayel' inkondl' ezimnandi,

Ngimcelela kuwe Mdali,
Umvulel' amasango ezulu,
Umvumel' ehaye naye uma ecela,
Umuphe usiba nephepha ebhale um' ezokhona,
Laph' akhona ungamuphuc' ikhono lokubhal' inkondlo,
Umkhuthaz' ukuba eqhubek' ehaye,
Sohlala simlalele ngamadleb' enqondo,
Simbona njalo nangamehlo enqondo,
Siyethemb' unawe emadlelwen' aluhlaza,
Ngiyathemba uhlezi eduze kwakh' ezulwini,
Ngiyethemb' izono zakhe uzithethelele,
Uma engakafik' ngisacel' umvulele egedeni,
Umngenis' iZulu,
Umcelele bemhayel' inkondlo ezimnandi,

Bengith' nami ngimbhalelile inkondlo,
Bengifun' ukumhayela eyizwe esasezweni,
Kepha ngithe ngisayiloba ngingakayiqedi yena wasweleka,
Ngagqemek' ingoz' enhlizwiyeni ngingasamhayelanga,
Akasangibonanga ngiqephuza ngimdlalela ngenkotha,
Angisalitholang' ithuba lokumzwis' ikhono angifundise lona,
Angilifumang' ithuba lokumhayel' inkondlo angiphe yona,
Ngiyamaz' uyazithand' inkondlo ezimnandi,
Nginethemb' useyibhalile inkondlo ngobuhle nobukhazikhazi bezulu,
Nakuye ngiyamucela ukuba efike ezongihayela yona ngephupho,
Bese kuthi kuwe ngelosi eyimbongi phezulu eZulwini,
Ngikucela uze umhayel' inkondl' ezimnandi,

# Underground Poet

Underground poet

Ibhadi lezinkondlo zami,
okanye isandla sami asibhali siye sithinte emanonini abo
okanye ngihaya belele bengalitholi ithuba lokulalela,
Noma imibhalo yami ayifundeki iyabaxhopha emehlweni,
Ngiyofike ngibabone naphambili ngithi sasi sonke ebunkondlweni,
Kepha zange sishiyelane inkundla,
Soze ngavela njenge langa ngithanyelwe yibo bonke,
angisoze ngaduma njengezulu bengithobele bonke,

Ngiyobabonga engihlale nabo phansi ngalalela nabo,
Saxhawulana kwamenywana,
noma abanye bengavelanga,
nesimemo kwabanye asifikanga,
nakwezami izandla asiqathakanga,
kepha okuhle ukuthi ezinyaweni angiboshwanga,
ngiyohamba ngifike kwelabo izinga,
ngibabuze ngendumezulu eyedlule,
lapho mina ngingavelanga.

Ngizolibonga ithuba engingalinikwanga,
Ngigxeke leli engilinikiwe,
ngikhalele inkondlo zami engingayihlwanyelanga,
ezingafika nginethuba lokuzidlulisa ezindlebeni ezilambileyo,
Ngiyokhala bengizwe abanesihe,
bethi kodwa wayekuphi ngonyaka owedlule,
Soze ngabatshela ngesengidlule kuzo(izinkondlo)
Ngizobahayela le ezobe iphambi kwami ngaleyo nkathi,

Ngixhopha iso elingasiboni sibe siphambi kwalo,
Izindlebe ezingasizwa sibe sihaya,
Nginqonqoza eminyango esivalelwe kuyo kepha ingakhiyiwe,
Ngiphansi nabafowethu nodadewethu sibuka abaphezulu,
Siphakamisi izandla kepha kuthiwa asilindeni,
Siyapheka sibaphakele bengakudli,
bethi inhlaza lena esikuphekayo akuvuthiwe,
kodwa bebe bengakunambithanga,
bengazihlupha ngisho nokuzwa iphunga lakho,

# Ungibonisile

Yebo ungibonisile.

Ungivule amehlo wangibonis' impilo,
Bengihamba ngigxumagxuma wangikhuba ngawa ngabhadalala ngesisu,
Esidlangalaleni wangiphendul' insini,
Bangihleka ngeluli sandla sami,
Ngithi uzoz' uzozam' ukuzong'vusa,
Kepha wafulathela washay wachitha,
Wanyamalala wajubalala wangabheka nasemuva,
Ngasala ngakhala ngabala,
Izethembis' ozenz' ebumnyameni,
Sibabil' ebumnandin' bemizwa,
Ngikuzw' ubal' ubalis' ngenhlupheko,
Ungibhalis' emaphusheni akho,
Ung'bal' emndenini wakho,
Wath' ngizoba umfaz' emzini wakho,

Bengikwethemb' ubek' ithemba enhliziyweni yami,
Ngibeke ithemba lami kuwe njengesibani sami ebumnyameni,
Kepha wavele wangicishela phakathi nobusuku sengikudinga,
Mina bengithi uzoba nami emfudumalweni yakho,
Njengoba besindawonye emakhazeni asebusika,
Bengithi uzongigqokis' ingubo yomshando,
Njengokungehlisa kwakho iphenti,
Ngithembile ukuthi uyongifak' indandatho emnweni,
Njengokuzigqokisa kwakho ijazi lomkhwenyana,
Bengithi ngiyokuba ngowakh' esigcwawini ube umkhenyana,
Ngesithembiso sakho bengiyokuba umakoti eduze kwakho,
Ngibe nawe esigcwani kube kuhle kwethu,
Kepha namhlanje ngivula amehlo ngibona kuhle kwenu,

Ngizokushayel' ihlomb' empumelelweni yakho,
Noma ngingasekho eduze kwakho njengokungithembisa kwakho,
Kepha ngiyokuba isithameli emshadweni wakho,
Ngizomuhalalisela nalona ozongena naye emgcagcweni,
Ngiyokuba isibukeli esigcawini lapho umfaki indandath' emnweni,
Umthath' uhamba naye ngiyokubhek' emehlweni,
Ngize ngikufisele nenjabulo yodw' emendweni,
Uma ngithol' ithuba ngizosondela ngikuhlom' ipheph' elibomv' enhlokweni,

Uze ungangixwayi ebantwini,
Ngizobe ngize ngokuhle kodwa,
Ngizohalalisel' intokazi yasezweni ngokuthol' insizwa yezithembiso ezinsizweni,
Ngizobon' ngifakazise nangaphakathi,
Ukuth' ungibonisile ebengingakwazi,

Izinhlungu ngikhala ngobuntombi bami,
Ngangithi nami ngiyobuqaq' emendweni,
Ngenkomo kamama owayihlaba wayihlikiza,
Wath' izinkomo kini zilala phandle zeswel' isibaya,
Ubala ungaqedi uthi uzongilobol' ugijima,
Ngalutheka ngalibala ngavula ngathemba ngathanda,
Kwaba buhlungu kwagcina kumnandi,
Wangeqa qili,
Wageqa amagula wangashiya nasilaza,
Wangishaya ngaphambili wangadela,
Wangishaya nangemuva wanganeliseka,
Wadla waxhapha njengenja waye wacikeka,
Wadlula washiya wayozingela phambili njengephisi,
Wangishiya nginabile ngibambe ongezansi,
Ngivule amehlo ngibonile,

Ndoda ungibolisile,
Ungiqedile namhlanje angiyakungena emendweni,
Kukho nsizwa yakhetha mina ezintombini,
Namhlanje wena uhambe wayokheth' ezisachama kudabuk' umhlabath' emhlangeni,
Ukhohliwe inxiwa lakho obukad' ulal' uvuka kulo,
Uhambe wayovun' emathangeni asebushelelezi,
Washovela nganxany' law' okade wawugudla ngegeja eshiswa ilanga,
Uze ugawule ubheke naphambili bayokubamba,
Ze uwubambe uqine lowo mshado,
Nami ngiyokuthandazela eNkosini yami,
Izethembiso zakho zonke zibe impumelelo,
Wawuthe mina nawe siyohlukaniswa ukufa.
Khona ungibonisile...

USenzokhaya Umhayi.

senzokhaya umhayi

# Usuyisono Manje

Guga mzimba sala nhliziyo,
Nhliziyo yami uthuka kuk'fanele,
Lona akafanelwe ukuba njena,
Uthi kuse wuwe lona owezwe,
Uthi kuse nguwe lona somadoda,
Aphi wona lama doda asekudode kanjena,
Bheka usuyisono manje,

Babethi uma bekutshela uthi angeke,
Sakutshela sathi isalakutshela sibona ngomopho,
Bheka manje usuyopha negazi liyakuphelela,
Awasekho namahlathi okuphephela akuphelele,
Wawuphaphazele uvula amaphiko njengesiphaphalazi,
Wawuthi uyazi kanti awazi,
Kunjani manje usuyisono,

Baphi oJezzebele owubhenga nabo,
Baphi oKhaphadiya amadoda akho anemali,
Ngibuza oPalisa abesuthu owawudla nabo usuthe,
Awasekho amavolontiya akho,
Ukufa sekuvolontiya ngawe,
Usuphenduke utalatiya kubo lab' ogogo,
Owawuthi bayakuhlupha uma bekubiza ngobahluphile,
Vele ubahluphile, bahluphile
Bheka manje usuyisono.

Yeka lezay'nsuku usenguwe,
Usangena besangane,
Kwale ngisho izintombi zihlangene,
Bakukheth' ezintombin' emhlangeni,
Zakushis' izinhlanga wabuy ugijim' emendweni,
Wagijimel elangeni bheka manje lik'shisile,
Usuyisono manje.

Impilo uyizele ngobuso,
Ugijimele iphambili walishiya imuva,
Ngemuva wabashiya abakuthandayo,
Sekukude emuva ususemphela ndaba,
Uzigoqele wena udaba lwakho,

Uzigubhele wena leli thuna,
Sekumele ungene usuyisono,

Alikho iqili lazi khotha emhlane,
Ususel ehlane,
Usuyintandane enganaye umkhothi,
Esakukhotha wamuthatha wamlaxaza esikhotheni,
Wamshiya wagcwala izikhotha,
Usukhotha imbenge eyomile,

Usuyisono manje.

senzokhaya umhayi

## Uyakhumbula

Isikhathi sahamba njengokugeleza kwamanzi,
Ngibheka emuva sekwasala imimoya iheleza,
Konke sekwaqoqwa kwabekwa emqondweni,
Kwasala amanxiwa enhliziyweni,
Nalaph' esakhulela khona sekwasala izidleke nje,
Ukuth kwakunomuzi lana,
Sesiyokhomba ngamathuna abazali abasishiya,
Singalibala kanjani impilo eyasibumba yasenz' imbumba,
Mina ngiyakhumbula ngiwumfanyana wena uyintombazanyana encanyana,
Enhlana nje empofana eney'faca,
Kaz' uyakhumbul' emuva sikhula,

Khumbul' ungikhumbule,
Mina bengihlala nawe emakhay' ebunganeni bakho,
Wenu ukhule nami, uphila nami udlala nami,
Besidlal' imizi wena uba umama mina ngibe ubaba,
Besingahlukani ndawonye besidlal' umacashelana,
Ma sonile besibanjwa sishaywe sithethiswe ndawonye,
Ehlabathini izulu melinile besidlali izindlu,
Odakeni sibhuquza siye siyoshona ezihlahleni,
Endleleni silandelana um' uthunyiwe ngikulandel'
Ungiphekezel' estolo singahlukani,
Besiteketisa bethi siyathandana,
Bethi mina ngingumkhwenyana wen' umakoti,
Besisavalekil' emehlweni lokho bekusikitaza ngaphakathi,
Ngingafun' udlale nomunye naw' ukhala mengihambe nomuny'
Besifanele sibekene ezinhliziyweni ngothando lobungane,
Sashada savufuna sath asoze silahlane,
Noma bekungokokudlala kepha izifungo zahlala enhliziyweni,
Umqondo ubuyel' emuva uvukuze lolwathando esasinalo sikhula,
Ngijula ngenhliziyo kubuye imicabango yezint' ezenzeka,
Izifiso zobungane ezingazange zifezeke,
Isikhathi sigeleza njengamanzi emfuleni,
Siyaphambili sishiy' imilando emuva,

Ngiyakhumbula sikhula nawe ngiyafis' uz' ungikhumbule,
Ziyabuya lezo nyembezi kimi owazikhala mhla ilanga lisithela,
Mhla abazali bakho bekushiy' emhlabeni,
Ngisakubona namanje uguqile uphelelwe amandla,

Udind' isililo ufuna umama wakho,
Kwamina ngikhala nawe noma sobabili sasilahlekile singazi kuba lalidumephi,
Usuku lomncwabo lwadlula,
Ngakhal' ezimathons' ungitshel' ukuba wena uyahamba,
Kakubona bekulandile omalume bakho,
Ngagijma ngilandel' imoto owakuyo yaze yasosithela,
Ngikubon' uvelil' ewindini uphakamis' isandla,
Ngasala ngalila ngathi ngizokulinda uz' ubuye,
Zahamb' izinyanga wangabuya,
Yahamb' iminyaka kepha lutho esweni,
Ngakhula ngazam' ukudlulisa isimo,
Yal' inhliziy' ukukulibala,
Nanamhlanje ngithi mengibhek' inxiwa lakini,
Kuvuk' inxiwa elisenhliziyweni,
Kush' ukuthi la kwakuhlal' othize obalulekile,
Kunowokuqala owavula amasango wahlala kulenhliziyo,
Izohlez' ivulekile ze ubuye nokhiye wayo uzoyivala futhi uyinelise,

Ngizamile ukucinga awutholakali,
Ngibhalile kuSis doll akaphendulanga,
Nabakini angibazi ngiyobatholaphi,
Uma uwuzwa lomlayezo ngisahlala khona eMfekayi,
Ngitholakala esitobhini kaMafuleka,
Uze ungibhalele nawe kulelikheli,
Khethokuhle tuck shop,
Box 633
Mtubatuba 3935.

Ibhalwe uSenzokhaya umhayi

senzokhaya umhayi

# Uze Ungabuni

Uze Ungabuni

Ubuhle bomuntu wesimame bufana nobembali,
Kungokwesikhashana kuyedlula futhi kuyabuna,
Isifiso sayo yonk' indonda ukuth' lo emthandileyo ngath engahlala emuhle,
Kepha njengembali ubuhle bakhe kuyabuna futhi sonke siyaguga,
Uze ungabuni mbali yami.

Waze Wamuhle muntwan' omuntu ngisakubhekabheka usaqhakazile njengesibani somhlaba esisavele kwaMpondo Zankomo,
NoBuso bakho obusebushelelezi njengesikhumba sesithelo sasensimini yase Edeni,
Nezwi lakho lisamemeza lisabalale  ligcwale amawa kuhlehle izihlahla,
Nalezo zandlana zakho ezisathofozela njenge makhasi esihlahla somviyo,
Zon' ezingithinta ngivukelwe ukozela kuye kuvaleke ngisho iziqu zoboya,
Ngathi ungaba imbali yohlobo lwensimbi thizeni,
Uze Ungabuni.

Kuhle ukukubheka usemusha usaqhakazile njengembali kajika nelanga,
Umuhle ngisho ukhala kwale ngisho sewehla izinyembezi,
Umuhle ngisho ngikubukela ebumnyameni ngaphandle kwesibani,
Ube muhle kakhulu lapho uhleka kusafocoka izihlathi,
Ngize ngiziphulule umkhaba ngizizwe ngiyinsizwa nami ngenxa yobuhle bakho,
Nami ngize ngizikhohlise ngizitshele ukuthi ngiyigeza lenzizwa,
Egeza kulobubuhle bakho,
Phela kimi ufana namanzi amhlophe adonsa imisebe yelanga,
Wen' ungamanz' amhlophe  mina ngiwumsebe welanga
Ngigeza ngobuhle bakho,
Manzi yami ngathi ungahlala unjena ungabi mdaka,
Ngathi lingangafika lelo langa,
Lezikhukhula nokuguga,
Uze ungabuni,

Namanje ngilokhu ngikukha ngeziqu zamehlo ngikuthi laphalazi,
Ngikubuka uphithizela wehla wenyuka utshikiza udlala ngeqolo,
Lona kanye lelo qolo lakho elangephula idolo ngakucela uxolo,
Yeka mehlo akho amhlophe njengomklaza wobisi lwenkomazi,
Yeka lezo zinwele zakho ezimnyama sakucwebezela njengotalagu,
Yeka zandlana zakho ezingithinta ngivukelwe imizuzu yase lawini lami,

Yeka zindebe zakho engizibheka ngiconse amathe nginambithe ubala,
Ngibala buhle bakho okuthi angikwefanise nobembali ye 5 roses,
Ngiphinde ngibe manqika nqika ngobembali,
Yebo inhle ngemibala kepha yona iyabuna,
Angifisi ukuthi wena ubune,
Ngathi ungahlala unjena nje ungabuni,

Ngathi ungaze wonyiswe njengamaqhaw' emizabalazo,
Uhlale unjena kepha nomphefumulo ungaphumeli,
Ngathi ungangashitsha emehlweni alendoda eyimina,
Noma ngingashitsha mina kepha ngikhalela ubuhle bakho,
Engakubona ngakubeletha njengomntwana,
Ngakukhalela ngakucela ngakuthola,
Sengathi bungahlala lana ke manje emahlombe ami inguna phakade,
Ngathi kungangadlula lobu buhle bakho,
Nawe uze ungabuni,

Kepha ke asoze ngakhala len impilo kaMdali,
Siyakhula futhi siyedlula kulomhlaba,
Lomhlaba inxiwa lokhokho bokhokho bethu,
Nabo babethandana njengoba sithandana,
Nabo baqala bebancane njengoba nathi sisebancane,
Baye bakhula,
Lwafika usuku baye guga,
Kanjalo nabo babuna,
Yabaphelela indima yabo emhlabeni baye badlula,
Thina ke sisakhula kusekuhle okwethu,
Sibabheka sibahleke abadala
Liyeza esizobe siguga ngalo
Ngalelo langa sobe sibabheka osobancane sibafela umona,
Size sithi kubo nathi saba bancane,
Sibahlalise phansi sibalandele ngezindaba zethu zobungane,
Abanye babo ngeke besilalele bazovela bezilalele,
Abanye bazothi laba badlala ukuguga,
Noma kuzobe kuyiqiniso,
Nalokhu kuyiqiniso,
Ngelinye ilanga sizoguga sithandwa sami.
Kepha isifiso sami sithi ngath' ungangabuna.

By S??z?k????  U????i, © 2013, All rights reserved.

# Uzobuya

Ngajabula lapho ngibona inhlamvu yelanga ize inyuka ngihleli naye,
Indlela engangisemathandweni ngayo angibange ngisabheka ukuthi liyashona,
Lishona nje nami liyangishonela,
Kwaba muncu lapho sekumele ngimudedele egoduke,
Kepha wabe esengicisha isilokozane ngesinqandu,
Impela wangefumbathisa isithembiso engasibamba njesikhali samantungwa,
Wathi uzobuya

Ngihleli ngiqhoshe phezu kwethemba,
Lokuthi njengoba lihamba nje ilanga,
Lishona kule mini,
Liye liyophuma sekungenye imini,
Izinsuku zokumbona nazo futhi ziyanyelela,
Uzongithola ngisaphuza khona emthonjeni,
Inqakala ngisayichopha khona emgelezweni,
Emlanjeni lapho engaligqoka khona ucu lwakhe,
Ngisamlindile ukuthi abuye,

Impela ngizogijima ngishiye isithunzi ngijahe ukuyokwemengama,
Impela kuyophela amathe lapho ngixabana naye ngesinqandi,
Ngizomubamba kuphele amahora,
Kuzolamula ukulahleka kwenhlamvu yelanga,
Nakho ngizomdedela size sidanse ngonyezi,
Impela okuhle nokothando kuzomulandela,
Lapho ebuya angeke ngisamdedela.

Kujabula lelo langa eliphezulu,
Lona elibona wonke umhlaba,
Lona eliwela ngale kwezintaba lingibonele yena,
Kudela lawomathonsi emvula,
Wona anetha ngisho ngapheseya kwamagquma,
Angithintela yena ezindaweni engizithandayo,
Kudela leyo mimoya,
Yona ebhenguza phesheya kwamawa,
Ifike ingiphophothela yena,
Ze ethi uma evela ngalelo langa azobuya ngalo,
Emehlweni ami evele emomotheka,
Ziyathokoza lezo zinyoni ezishaya umzwilili ngapheseya kwamahlathi,
Ezingilolozelela yena ze efikilwe ukozela ephuphe ngami,

# Wedwa

Igama lakho wena unguWedwa,
Wena wedwa uyokuhlala ezweni lami,
Uzonethezeka nasenhliziyweni yami,
Nasemizweni yami uzoshwibeka njengomzwilili,
Eyokulilizela njengomililizel' enisela esivandeni sothando,
Oluyokhula njalo luye luthele amagatsh' ayokwakh' ubambo lwami,
Amazwi akho ayotweza njalo eyokeneneza emathanjeni,
Ngiyokunanela lonk' uhlamvu lwezwi oyokuliphimisa ngezindebe zakho,
Ezindlebeni zami liyofana nebika lezingoma zothando zabaculi base Melika,
Nami ngiyokuhayela ngikuculele umucu omnandi,
Ze nenhliziyo yakho inambithe lesi sidlo somphefumulo,
Ngizoguqa ngamadolo phambi kwakho ngikubambe isandla,
Ze ngikufumbuthise lesi lokozane somlilo esibilis' igazi lami,
Uze uvule amahl' ubheme ukholwe ilomlingo,
Phakathi kwabaningi abavule amehlo bathamela,
Nguwe Wedwa ophiwe isiphiwo sokuba uwubone,

Onobuhle baningi emhlabeni,
Njengezinkanyezi esibhakabhakeni,
Kepha wena phakathi kwabo ufana ngunyezi,
Bona ngibangathekisa nezinkanyezi,
Wena Wedwa upheth' inhlansi enomling' empilweni yami,
Lapho uthukuthele nami ngiyadikibala,
Lapho ugigitheka nakimi kuvela elomhlathi,
Wena ufana nomthombo onempophoma egeleza amanzi amtoti,
Lapho kuphuza mina ngedwa vo,
Ungumthunzi ohlezi uhelezi umoya opholile,
Onesicephu sokuhlalisa uphumuze mina ngedwa vo,
Ezweni elikude sengihambile ngilambile futhi ngomile,
Ngathol' umuthunzi wokugoba amadlangala,
Nokudla kokubamb' umoya,
Namanzi amtoti okuthambis' umphimbo,
Bengiyomtholaphi okwazi ukulapha ukukhathazek' okulapha ngaphakathi,
Ngoba akekho noyedwa onesiphiwo sakh' Wedwa,
Uphiwe kwaba esakho wedwa,

Uzalwe emhlabeni ufumbethisw' ithalente ngami,
Udalwe uMdali kwangathi wayekuhlebelile,
Ukuthi uyofika ezweni uyofica owesilisa okhathazekile,

Nabazali bakho ngathi babetsheliwe ngami,
Ngokuba bakulonda bakulolonga waze wafika kimi ukhazimula,
Ngakubona udlula wangikhanga njengesiqholo samakha esithakwe kamnandi,
Ngamehlo ngakuphekezela ngikulandela uyosithela,
Okwesibili lapho uvela ngazidela isibindi,
Ngibonga uMdali awuzibukanga ngami kepha wama,
Kanjalo saqala ukwazana nokuxhumana,
Kwaya yazikhulumel' imvelo yaxhuman' imizwa,
Omunye wathand' oyedwa kimi kwavela wena Wedwa,

Namhlanje ngingowesilisa ophelele emoyeni,
Bengifana nengidi ekhiyiwe kwaphathiswa wena ukhiye,
Sonke lesi khathi ngizamile ukucing' obezovula engene kweyam' inhliziyo,
Kepha bengihamba ngizigqubuz' ezindongeni,
Buka ngisenemihuzuko ezihlakaleni,
Kepha okuhle ukuthi ugcine ufikile wavula amakentango,
Uzohlalakahle unethezeke etilogweni lakho lothando,
Noma sekukhali icilongo nemilolozelo yokugoduka,
Ngiyokuvulela ukhululeke kodwa ngiyobe ngithokozile,
Ngokuba wena Wedwa ngiyobe ngikunikile okwakho wedwa.

Wedwa.

USenzokhaya Umhayi

senzokhaya umhayi

# Zibodwe Zayekwa

Zulu oMjukwana kaNdaba,
Nginimemeza emajukujukwini,
Nginivusa emaphusheni nginiphephetha amehlo nganal' usiba,
Nasi isizukulwane senu sizidika sizigwaza ngowaso,
Baphi bona oyise beke besibonise Lesisizukulwane esilahlekileyo,
Obayibonayo abayithandi lendaba,
Abayizwayo bayishaya indiva,
Abafisi ngisho ukuyixoxa esitimeleni,
Nasi isizwe silahleka bekhona osomashishini,
Nakhu sidlebeleka singabant' abasha sivutha amalangabi,
Ubumnand' abupheli anikahleni ngamalangabi,
Lobu busha benu enibudlayo nabo buyaniqhobozela kancane kancane,
Ubumnandi abupheli

Laba ngathi sebeyigxoba emsileni bazinqonqozela bephila emagedeni okufa,
Sebephenduk' amahhashi ngiyesaba mina ngalo qoh,
Bathi bafuna uQoh,

Selimathunzi ilanga ligoq' imisebe yalo,
Usathanane uvul' imizwezwe,
Uhlomile  njengo klebe ecathamela amachwane,
Uphansi phezulu uthungath' impilo yomunt' omusha phansi komthunzi welanga,
Kunabant' abasha asebephenduke amahlongandlebe,
Bahamba ezindleleni zobumnyama bethi bathanda ubumnandi,
Usathane ubashayela umtshingo emadlebeni,
Badansela ugubu luka faro,
Both' amalangab' esihogo,
Abasezwa noma bedonswa ngedlebe,
Abanalo uvalo noma sebelengela eweni,
Abakuboni ubumnandi basezweni ngaphandle kobumnandi,
Wen' ongabheng' bakubon' udidekile,
Kant ababoni ukuth bazidekel' ithun' emini bebade,
Bathokoziswa ukushona kwelanga,

Emini bebebahle ungafunga izingelosi zezul' uqobo,
Kant uqamb' ushilo lihlwa ngomnyama kuvel' ok'fihliwe,
Liyadekwe itafula,
Sidedelwe isigubhu esikhafula umlilo,
Akuyona injabulo yokubhenga ungekho umgwinyo,

Badlalisa okwamahhashi lapho beshaya umgido,
Bavule isikokela ubani ongawotha lomlilo,
Ongabhengi uyaloya,
Idedele sibakhothakhothe,
Zidlale izikhothathani zibathakath' ithakathi zempilo,
Izint' ey'hambaphansi abancolisi bamatafula,
Abadli bedwangu abathungi bakakotini,
Operation Phuza friday ungamnaki oseceleni,
Mina ngiyoyicel' ivuthiwe noma ngiyibon' ukuthi isivundile,

Bakhafula amadimoni badansa ezonweni,
Bathi phendula amapuleti lapho Dj,
The night is still young we rather die young,
Bazibona bephethe izulu nomhlaba,
Abuboni ukuduka nokuhlambalaza isithunzi sabazali,
Ihlazo abalazi angithi abazazi izinsizi zomzabalazo,
Abazali ababazi nokuthi bashaya muphi umkenenezo emadlebeni,
Kwelabo ikhanda kubusa igqomu, umgwinyo nophuzo oludakwa imizwa,
Bageza ngamanz' amnyama bakhohlwe ukuthi siyisizwe esimnyama sivelaphi,
Bathi umnandi umqobhothi,
Badla ubusha babo,

We maye bant' abasha,
Lenkululeko eyezinyembezi,
Kwaphuka amazembe kwachitheka igazi kuzabalazwa,
Lapha kwalala amaqhawe nama qhawekazi,
Kwasala izintandane nabafelokazi,
Kwasala amanxiwa kwadingiswa abanumzane,
Ze lenkululeko  siyihogele,
Sathola namalungelo,
Kepha nina nigiya ngawo sengathi nithi awasilungele,

Lenkululeko kazi isilungele na,
Uma izosenza sikhohlwe inhlonipho nokuzithoba,
Uma singabahloniphi labazali bazozazi ngobani na ukuthi bangabazali,
Nezazi ngibona sengathi ziyishaya izaba,
Umuntu omusha usephenduke imbawula,
Abazali bayotha ibomvu,
Kazi ziyamazi yini umelusi

Lana zibodwe zayekwa.

# Zulu Lezintandane

Zulu lezintandane

Ngakhethwa ngasala ngedwa ebubini,
Ngaphucwa abazali bami,
Ngahlwithwa ikhaya lakithi,
Injabulo yami yangibalekela,
Ilanga ebelibalele langishonela,
Udonga ebengilamele kulo ladilika,
Abhidlika amakhosomba ebengikhosele kuwo,
Ngasala ngingenabani oyisibani lapho ngikhula,
Sengigaqa ngikhasela ngithandazela ukuwelela,
Lapho nginge hlulelwa ngobuntandane bami,
Ze ngifike ngilibone ngilithakasele,
Izulu lezintandane,

Sengihlulelwe emhlabeni ngiyehluleka,
Bayangihleka bathi ngihambe ngihlala,
Bayangihleba bathi anginalo ikhaya,
Isono sami angithi anginabo abazali,
Ngakho ke sengiphenduke umhamb' uma,
Ngilala ehlane nasemizini yabantu,
Bangibiza ngamagama ahlabayo,
Bangikhwifela ngamathe noma ngiqhamuka,
Sengithembele ukwenyukela entabeni,
Lapho ngizokwehlela eZulwini lezintandane,

Bahle bagezile ngiphambana nabo emgwaqeni,
Ngibabone nje ukuthi laba ontanga yami,
Ukube nami benginabazali bami,
Bengiyofaniswa nabo emihlweni yokuphila kwami,
Mhlawumbe bengizoba ohamba phambili unontandwakubukwa,
Bengizoba omuhle umkhangisi wezimpahla zikanokusho,
Nami ngifunde ngigogode ngivathe ngamajazi emfundo,
Ngifudumale ngokufeza amaphupho ami,
Lawo maphupho ngethembe ngiyowafeza phambili,
Ezulwini lezintandane,

Lapho ngingenakukhethwa njenge phela emasini,
Ngiyothandwa ngothando olufanayo nolwabo bonke,

Ngizobizwa ngegama ngisabele ngokwenama,
Ngaphandle kokusaba ukuba sengoneni,
Ezweni sengifana nomoni,
Isono ngashiywa ngabazali,
Kunalabo asebethole ithambo lokugiya,
Sebethole ukhiye wokungena bechanase empilweni yami,

Ngiyokuba ufakazi naphezulu eNkosini,
Ubuntandane bami buyofana nomqhele wami,
Ngizokweluswa nezinye izimvu,
Ngesulwe izinyembezi zami,
Akasoze wangibandlulula,
Kepha uyongiphindiselela ekuhlushweni kwami,
Ukuhlushwa kwami kuyoba ukhiye emagedeni,
Ngiyongena esangweni ngijabule njengengane encane ihlangabeza umama wayo.
Ngizoba muhle nami kuye,

Ezulwini lezintandane,

senzokhaya umhayi